

NINGESABI

 INkosi ikubusise, Mfowethu. Ngibonga kakhulu.

² Ngiyabonga, bazalwane, ngokuba . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngifisa ukuthi, “Ngiyabonga, bazalwane bami abahle,” ngalokhu ukwethulwa. Bengingeke ngibe nenye inkululeko futhi ngizizwele ukuthi angisekho ekhaya kunokuba bengisepulpiti lami uqobo ekhaya. UNkulunkulu anibusise. Ngilapha ngenhloso ukuba ngifake inetha lami kanye nelenu ukusiza ngakho konke esingakwenza ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, ukubamba wonke umphefumulo oduka uqhele kuNkulunkulu. Impela ngiyabonga ngalokho, futhi ngethemba ukuthi nizobe ningikhulekela njengoba ngikhonzisa. Futhi akukho lutho olungcono kunesendlalelo esihle lapho ukhonzisa abantu bonke e . . . ? . . . INkosi inibusise.

³ Sanibona kusihlwa, bangani. Ngijabule kakhulu ukuba lapha futhi, kulobubusuku, kulelihholo elikhulu kakhulu lalemfuyo, noma, indawo yombukiso lapha. Ngicabanga ukuthi lesi cishe isikhathi sami sesithathu ukuba lapha, futhi isikhathi ngasinye bekulokhu kufakazela isibusiso esinjalo ukuba lapha, nokuhlangana nabantu lapha baseCalifornia.

⁴ Ngiletha kini, kulobubusuku, izilokotho ezinkulu nezibusiso ezivela kubazalwane basempumalanga, nasebandleni elisempumalanga, ukusho kini ukuthi baphila kahle ngaphansi kokuhlinzeka okukhulu kukaNkulunkulu, futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzoninika nonke umnyakazo omkhulu ngenkathi siselapha ndawonye kuloluGu lwaseNtshonalanga.

⁵ Ngifisa ukubonga abazalwane bami lapha ngalenghlanhla enkulu yokuxhasa umhlangano lapha, njengoba ngizizwelile ukuthi, kanye futhi ngaphambi kokuya phesheya kwezilwandle, bekuyoba yinhlanhla enkulu kimina ukuvakashela abangani bami phansi naphezulu kuloluGu lwaseNtshonalanga. Futhi silapha kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesus, ukukhonza kanye nokwenza konke esingakwenza ukusiza wonke umuntu ukuthi aMazi kangcono kunalokho abakwenzayo manje. Ngethemba ukuthi lapho umhlangano usuphelile ngiMazi kangcono kakhulu kunokuba ngazi manje, ngoba usuku nosuku sonke siphilela leyonhloso, ukuzama uku—ukuMazi kangconywana.

⁶ Niyazi, omunye wathi kimi esikhathini esingaside esedlule, ngangikhuluma ngokuthile, futhi ukufundwa nokubhalwa kolwimi kwami kubana impela empeleni, futhi ngakho ngi . . . omunye wathi, kwakuyisazi sezenkolo esikhulu okokuqala nje, wathi, “Awulazi nje iBhayibheli lakho.”

⁷ Ngathi, “Kodwa ngimazi kahle ngempela uMqambi.” Ngakho, yilokho-ke. “Ukwazi Yena kungukuPhila.” Futhi uma EnguMqambi weZwi, Uzohlala njalo esekela iZwi laKhe ukuthi liyiqiniso, ngiyakukholwa lokho. Futhi kuningi Angakwenza, futhi akwenzayo okungalotshiwe eBhayibhelini, kodwa inqobo nje lapho ngikubona kuvezwa nje emakhasini, ngi—ngizizwela ukuthi (Beniyokubiza ngani na?), lesosiqiniseko, niyazi, ukuthi yonke into ihamba kahle, ngoba kubukeka sengathi kugijima emakhasini ngqo, ngakho lokho kusenza—kusenza sizizwe singcono.

⁸ Sisendleleni yethu manje senyukela ngase-Anchorage, e-Alaska, senyukele oGwini lwaseNtshonalanga, siqala lapha eCalifornia. Sisuka nje eGreen Lake, eWisconsin, lapho iFull Gospel Business Men ukuthi, izikhathi ezimbili zokugcina ngilapha nganginabo, futhi saba ne—ingqungquthela yesifunda eGreen, ngikholwa ukuthi bekuyiGreen Lake, eWisconsin. Sase sehlela eChicago ngenhlanganyelo ethile lapho kanye namaKristu, saba nesikhathi esimnandi kakhulu, umbuthano omkhulu, abantu abaningi, neNkosi isisibusisile ndawonye emizamweni yethu ebuthaka yokuzama ukukhonzisa abantu baYo.

⁹ Kwase kuthi-ke ukusuka lapho sahamba, sisuka lapho siya ngale eSouthern Pines, eNorth Carolina. Ngihlala ngifuna ukuyibiza leyo ngokuthi iSouthern Pines, bekufanele kube yiSouth Carolina, kodwa kuseNorth Carolina. Futhi impela saba nesikhathi senhlanganyelo lapho ngengqungquthela ye-Interdenominational Brotherhood, isikhathi esimnandi kakhulu kangako. Bese kuthi-ke, ukusuka kulokho kwehle kungene, ukuya eSouth Carolina, ukuya eColumbia, futhi lapho sahlangani nabantu, futhi kwaziwa ukuthi siza lapha oGwini lwaseNtshonalanga. Bonke ogogobele lapho, njengoba sonke sinjalo, abahambi ovuma lelithemba elikhulu esinalo kuKristu.

¹⁰ Asisho ukuthi leli ikhaya lethu, singabahambi nabafokazi, “Sifuna uMuzi, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu.” Leso kwakuyisimo sengqondo sika-Abrahama, wayebheke uMuzi. Futhi singabantwana baka-Abrahama, sikuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama. Kusobala siyazi ukuthi u-Isaka wayeyinzalo yemvelo, nenzalo yemvelo yonke yayiwufuna lowoMuzi, iNzalo yobuKhosi ifanele iYibheke kangakanani-ke, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama na? Futhi ngikholwa ukuthi iBandla namhlanje, elibizelwe ngaphandle, liyiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama.

¹¹ Siyasho ukuthi leli akulona ikhaya lethu, ngokuba asinalo ihange lapha emhlabeni; futhi uma sinalo, ngithemba ukuthi sizolinqamula lihambe ngokushesha kakhulu, ukuze uma Ubeyoza kulobubusuku, besiyokhushulelwa phezulu, singaxilisi okwehange phansi emhlabeni.

¹² Ngibonga kakhulu ngalelithuba. Futhi manje, ngiyazi

ukuthi kuba leyithi ngokushesha kakhulu, kuningi okungashiwo, kubonakala sengathi yisikhathi esincane kakhulu ukukusho, kodwa, kwenza wena—wena uthi ukuba nokwethuka, njengezwe lonke ngaphansi kwengcindezi, uzama ukuphuthuma futhi wenze okuthile. Kodwa ngithemba ukuthi ngeke sikwenze lokho ngesikhathi salomkhankaso, ukuthi nje sizoba nje njengoba sasivame ukuba njalo esikhathini eside esedlule, sithi nje ukudedela ingcindezi, futhi sehlisele phansi, futhi sibe yithi nje...?...sibe nje ngamaKristu futhi sihlanganye omunye nomunye, futhi kuyilapho iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lihlanza kukho konke ukungecola.

¹³ Futhi manje, nami ngiza ukuzophonsa inetha lami phakathi kanye nalaba bazalwane. Manje, niyazi ngamunye wethu singabadobi. Niyazi ukuthi i—iNkosi yatshela umdobi ngesinye isikhathi, Yasho ukuthi aMlandele futhi babe ngabadobi babantu, futhi yilokho okulapha emsamo kulobubusuku, ngabadobi babantu.

¹⁴ Sima ekhoni ndawondawo ebandleni lethu, siphonsa inetha ngokudabula komakhelwane, futhi sibuthane ngakho konke esingakwenza, singenisa sonke isoni, kungenandaba ukuthi ukusiphi isikhundla, sizama ukumletha kuKristu. Awu khona-ke, kuza isikhathi lapho sifuna ukufinyelela endleleni yokuphuma, ngakho-ke sihlanganisa wonke amanetha ethu ukuze sikwazi ukuphuma *le* futhi sithole ihhala elikhulu. Futhi yilokho esikuzele lapha kulobubusuku, futhi ngisanda kweluka inetha lami enhlanganyelweni yothando ngakubazalwane bami, kanye nenetha labo ukuphonsa phandle *le* udabula eLos Angeles, nangakhona, futhi sibone ukuthi mingaki imiphfumulo esingangena kuyo ngenxa kaKristu, leyo yinhloso yokuba lapha.

¹⁵ Manje, thina, isizathu, siyazi ekudobeni ngenetha uthola konke okuzayo, kodwa kukhona abanye lapho abazoba yizinhlanzi ngokuqinisekile njengezwe, futhi uNkulunkulu uzobathatha.

¹⁶ Manje, ngikhulekeleni njengoba ngikhuluma, futhi ngikhulekele abagulayo. Futhi angisiyena umphulukisi, mina ngibizwe ngalokho, kodwa angiyena, ngingumfowenu, nje—nje umfowenu lapha ekhulekela abagulayo.

¹⁷ Futhi ngakho, ngi, yazi ukuthi ubufakazi bunikeza ukufuqa okukhulu, futhi nje, kukhona okuthile okwenzekile izolo ebusuku, noma, eduze nobusuku bokugcina e-Columbia, kwenza izindaba ezithile ezweni lapho. I...Abakwazanga ukufaka inganyana emgqeni womkhuleko. Bekungumntwana onekhanda elinamanzi, ubuso bakhe obuncane bumuncakile, futhi ikhanda lakhe liphumelele, ibibukeka sengathi inonyaka noma emibili ubudala, futhi amehlo akhe belenziwe, niyazi ukuthi aba kanjani, nemithambo emikhulu ekhanda layo. Futhi abelaphi,

izinyanga zasemhlabeni, bebefanele bayijove nsuku zonke ukuyigcina iphila.

¹⁸ Futhi abakwazanga ukumngenisa umfo omncane, ngakho baba naye engemva kwekhethini, ngase ngibuyela ukuyomkhulekela, ngoba bayabakhulekela lapho beza namakhadi omkhuleko, futhi bathathe amakhadi, futhi bawakhipha usuku ngalunye. Futhi ngakho, nomfo omncane ubengenalo ikhadi, nomama ubengasakwazi ukuhlala ngaphezu kwalobo busuku obubodwa, ngakho sakhulekela umfo omncane emva komsamo. Futhi ngakusasa ekuseni, kwakuyinto emangazayo kakhulu, yonke leyomithambo emikhulu wawungasekho, nekhandla lakhe elincane lase lijwayelekile ngokubonakalayo. Ngakho ba—ba—bamehlisela kwadokotela, engasho lutho, futhi umelaphi wambhekisisa futhi wamxilonga, okuthile egazini lakhe, kwadingeka bathathe lemijovo, futhi wathi, “Umntwana akadingi ngisho nomjovo.” Wathi, “Angikaze ngikubone okufana nalokhu ngaphambilini.”

¹⁹ Futhi ngakho, kwavele kwenza amahlebezi amakhulu komakhelwane, futhi njengoba kwakunjalo ngezikhathi zeBhayibheli, kwasakazwa yonke indawo, uthando nodumo lweNkosi yethu uJesus, ukuthi Usengabaphulukisa kanjani abagulayo, kungakhathaleki ukuthi kuyini, Usengakuphulukisa. Khona . . .

²⁰ Uye wa—Uye wa . . . Amandla afakwe ebhokisini, futhi Usinike ngamunye iSihluthulelo, lelo yiGama laKhe. Futhi uma singesabi ukulisayina, ngani, impela Uzo sayi- . . . Impela Uzokwenza isheke libe lihle ngenkathi lifika lapho, uma lineGama laKhe ngemva kwalo. “Cela kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngizolwenza,” Wathi, futhi ngiyakukholwa lokho. Noma yini eniyakukucela eGameni laKhe, nikholwa ukuthi niyakwamukela, niyakukwenza.

²¹ Manje, ngicabanga ukuthi kusasa ekuseni isidlo sasekuseni sabefundisi, ngiyacabanga. Ngihlale ngijabule ngalabo, ukuhlangana nabazalwane bami.

Futhi ngibheke ngabomvu ukunibona bazalwane, kusasa ekuseni, ekudleni kwasekuseni.

²² Futhi ngicabanga ukuthi iBusiness Men lapha, ngani, bangahle babe no—uMgqibelo ekuseni na? Ingabe lokho kusemthethweni manje na? NgoMgqibelo ekuseni, kwaClifton. Awu, ngizothola elinye lalophalishi elimnandi abanalo ezansi lapho khona-ke, lelo limnandi ngempela, ngi—ngiyalithanda lelo. Ngakho sizobe sibhekile, enhla lapho, ukunibona enhla lapho.

²³ Manje, kube namanzi amaningi abe ngaphezu kwedamu kusukela (Leso isisho saseningizimu.), selokhu sabonana ngaphambilini. Ngisondela eduze impela nokubulawa, muva nje, ngukuqhuma kwesibhamu. Ungakubona ebusweni bami,

futhi, kodwa iNkosi yasindisa impilo yami, futhi ngiyabonga ngokuba lapha.

²⁴ Bengidubula isibhamu ebesiphinde sabholwa nguMnu. Weatherby enhla lapha, futhi benginikezwe sona njengesi “lungile.” Futhi ngisidubule izikhathi ezithi azibe zimbili, futhi ngaqaphela ukukhukhumala ngaseringini, ngase ngifaka elinye igobolondo, futhi abakazi okwamanje ukuthi kwenzekeni, isibhamu saqhuma, futhi sahlakaza umbhobho amayadi angamashumi amahlanu ngaphambi kwami, futhi sahlakaza izingcezu zesibhamu zadabula ezihlahleni, futhi konke engikubonile kube nje umlilo obomvu undizela phezulu.

²⁵ Futhi lapho bona... Babecabanga ukuthi ngiye nga... Isizathu, izingcezu zanamathela ogebhezini lwami, futhi nje, izingcezu eziyishumi nanhlanu zangena ngaphansi nje kokubona esweni lami, futhi olunye lwadlula *lapha* futhi lwashaya lwakhipha icopho lezinyo, futhi lwangisika ebusweni (Futhi lapho bona... Angazanga nje ukuthi ngangikuphi imizuzu embalwa, kusobala, futhi angikwazanga ukubona, futhi...), njengokuthi ubujikijele ihembhega ebusweni bami, cishe emavikini amane edlule.

²⁶ Ngiphakamise *leliso*, futhi ngiyabona, ngiyaqalaza, ngabona indoda eyayehlele lapho kanye nami ebaleni, lapho engidubula khona lokhu okuhlosiwe, ibiphuma iya kokuhlosiwe. Futhi angikwazanga ukuzwa, angikwazanga ukukhuluma, angikwazanga ukuzwa, noma ngibone. Futhi ekugcineni, ngathola ukunaka kwakhe, wenyukela lapho, ngase ngimisa igazi ngesandla sami, futhi sakhuleka, negazi lanqamuka lonke, futhi ngangimanzi te yonke indawo.

²⁷ Futhi bangithathe bangiyisa ngale kudokotela, futhi wathi, “O, he!” Ngiyakhohlwa ukuthi mangaki amathani omfutho abathi lesi sibhamu siyowumela. Wathi, “Lapho indoda ikhuphuka futhi yakuthola, bekufanele ngabe ithole imilenze ezansi *lapha*, futhi kungekho khanda noma amahlombe, ukuqhumisa leyonsimbi bekufanele kuhlakaze wonke umzimba nya.” Futhi kwakuseduze *kangako* neso lami ngenkathi siqhuma, ngakho ngiyabonga ngokuba lapha, ngibonga kakhulu.

²⁸ Nomelaphi owabuka indawo, wathi, “Awu, kukhona okukodwa vo...” Wathi, “Akukho obekungenziwa,” wathi, “ngoba insimbi iye yonke indlela emuva esweni,” futhi wathi, “ayizange ithinte ukubona.” Futhi wathi, “Into kuphela engiyaziyo ukuthi, engingayisho, iNkosi enhle kufanele ukuthi ibihlezi ebhentshini ukuvikela inceku yaYo ngalokho kusa, kungenjalo ibingeke...” Ngakho ngiyazizwela ukuthi—ukuthi Ingicjinile lapha ukuze nginikhonzise, futhi nginisize, nani ningisize, futhi sihlangene sonke ukuze sisizane.

²⁹ Futhi manje, sifuna ukuphendukela eZwini laKhe, ngiyalithanda iZwi laKhe nje. Futhi kuncane...Thina

njalo, ngobusuku bokuqala, siqala sekuleyithi kancane, kodwa sithemba ukuhamba ngesikhathi. Futhi sizozama ukubakhulekela, kukhona abanye abantu abagulayo, uBilly ungitshela ukuthi ukhiphe amakhadi athile. Futhi—futhi manje, uma singawangenisi onke kulobubusuku, abambeni nje, sizowathola, futhi ningajahi.

³⁰ Futhi manje ake thina, ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe, ake sikhulume kuYe umzuzwana nje ngomkhuleko, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, futhi ngethemba ukuthi izinhliziyi zethu zizokhothama nazo. Manje, njengoba nikhothamisa amakhanda enu, amehlo enu evaliwe, nenhliziyo yenu igxile ngakuNkulunkulu, ngiyazibuza nje ukuthi ngabe zikhona yini izicelo eningathanda zikhunjulwe, velani niphakamise izandla zenu. Futhi ngalokho nithi, “Nkulunkulu, Uyazi ukuthi yini engiyidingayo manje, kulobubusuku.” UNkulunkulu abusise, kuhle lokho.

³¹ Baba wethu waseZulwini, manje sisondele esiHlalweni saKho somusa, besingeke sifise ukuma ngasesiHlalweni sobulungiswa, ngoba besingeke sibe nomuzwa wokuthi besingama lapho, kodwa lapho sifika ngendlela yomusa, Usibizile ukuba size. Futhi sijabula kakhulu ukuthi sinenhlanhla yokusondela kuWe, uJehova oMkhulu onaMandla, ngendlela yomusa kaJesu Kristu.

³² Manje siza eGameni laKhe, sazi ukuthi Wakusho lokho, “Nomaphi lapho kubuthene ababili noma ngaphezulu eGameni laMi, khona-ke Ngiyoba phakathi kwabo.” Kanti futhi, Wathi, “Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, niyophiwa khona.” Futhi sinesiqinisekiso manje, Nkosi, ukuthi ngalezizithembiso eziyigugu zeZwi likaNkulunkulu, ukuthi Ulapha ukulalela.

³³ Futhi, Baba, okokuqala sizothi, “Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.” Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Futhi kwangathi uMbuso kaNkulunkulu wehlele phezu kwethu futhi ubusise ukubuthana kwethu ndawonye. Busisa ukufundwa kweZwi, futhi wenze zonke izinto, Nkosi, kube yinkazimulo yoMbuso waKho, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁴ Manje, nina enithanda ukuthi ukubhala indikimba encane, Ngithanda ukuba nifunde kanye nami, kulobubusuku, kuMathewu oNgcwele 14, siqala ngevesi lama 22, imizuzwana nje embalwa uma nizongibezelela.

UJesu wayesencindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.

Futhi lapho eyo... esezimukisile izixuku, wenyukela entabeni eyedwa ukuyokhuleka: sekuhlwile, wayeyedwa lapho.

Kepha umkhumbi wawususukile elwandle, ushukunyiswa ngamaza: ngokuba amaza ayephambene.

Ngomlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.

..kwathi abafundi bembona ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Kungumoya; bakhala ngokwesaba.

Kodwa uJesu masinyane...Kepha uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yimina; ningesabi.

³⁵ Ngifuna ukusebenzisa lokhu, kulobubusuku, njengendlela yomhlangano wobufakazi.

³⁶ Kumelwe ukuba kwakucishe kube ngesikhathi ilanga lase liyoshona, futhi kwakube usuku olubi kakhulu, kuyoba, kube nomsebenzi omningi ezinkonzweni ngalolosuku, babebone izinto ezimbi kakhulu zenzeka. Niyazi, ngenkathi useBukhloneni bukaKristu, njalo ubona izinto ezimangalisayo zenzeka, yingakho ngithanda ukuphila eBukhloneni baKhe, ngukubona isandla saKhe esikhulu, esithambile siphuma ukukhonzisa. Ngangingathanda ukuba ngahamba naYe ngalezo zinsuku.

³⁷ Kodwa ngiyacabanga, namuhla, mhlawumbe kuyinhlahlala enkulu, ngoba Uhamba ngaphakathi kwethu. Khona-ke Wayengaphandle ekhomba, manje Ungaphakathi ezikhomba Yena uqobo lokho Akwenzayo, futhi ngijabule kakhulu ngenhlahlala.

³⁸ Manje, i, bengiyocabanga, mhlawumbe, kwakungomunye wamadoda amakhudlwana eqembu, besingambiza ngoSimoni, mhlawumbe, owayekade engomunye wabaphendukela eNkosini uJesu, wayefuqa umkhumbi usuke ogwini, lapho ababewudonse khona ngemva kokuba kade behamba futhi beshumayela ngasogwini. Futhi—futhi ilanga lalike lishisa, wayekhathele, wayesefuqele umkhumbi emanzini, wayesekhwela phakathi, wahlala phansi eceleni komfowabo, u-Andreya, wayesecosha izigwedlo emkhunjini omncane.

³⁹ Manje, imikhumbi yangalezo zinsuku yayingafani nemikhumbi yanamuhla, yayingaqhutshwa amajethi, noma—noma ngamandla kagesi, yayidonswa ngesandla; eminingi yayo, ithi ayifane ne—i—isikebhe somdobi namuhla. Babenezigwedlo ezinde, futhi kwakuyoba khona indoda ohlangothini olulodwa inesigwedlo, ngale ngqo kwayo kuyoba enye indoda. Khona-ke babenoseyili, lapho umoya wawukahle, babephakamisa loseyili, futhi ubambe umoya, futhi—futhi wawuyobaphephetha ezindaweni zabo, la okuyiwa khona, lapho babezimisele ukuya khona. Bese kuthi-ke uma umoya wawungemuhle kakhulu, bebecosha izigwedlo, futhi kuyoba namadoda amabili esihlalweni ngasinye edonsa izigwedlo.

⁴⁰ Futhi sengiyambona uSimoni njengoba ekhwela esikebheni, umfo omkhulu, obukeya enamandla, mhlawumbe onempandla, wayesehlala eceleni kuka, u-Andreya umfowabo, wacosha izigwedlo, wabe-ke eseshaya okuthi akube kubili, bese-ke evayizelisa emuva, nabantu bemi ogwini bebavayizela. Ukubona okumangalisayo impela, ngoba babebacela, “Buyani.”

⁴¹ Kukhona okuthile, uyazi, lapho uhlangana nabantu eninezinto enihlanganyela kuzo, inkulumo yenu iyahlangana, ubudlelwano benu khona-ke buba ngokumangalisayo, lapho ningaba nezinto enihlanganyela kuzo. Yingakho silapha kulobubusuku, ngoba sinezinto esihlanganyela kuzo, siyathanda ukuxoxisana, sixoxa ngezinto ezifanayo.

⁴² Futhi yileyo ndlela ababeyiyo, babekade bekhuluma ngalolosuku, futhi, ngoNkulunkulu, nangamandla aKhe amakhulu, nokubona amandla aKhe esebenza phakathi kwabo. Nomhlangano wawusuphelile, futhi babegoduka, noma, ngaphesheya kolunye uhlangathi lwechibi okomkhankaso olandelayo. Futhi ngingacabanga ukuthi izinhliziyiyo zabo zazizwa kanjani ngenkathi bevayizela nisale kahle kulabobantu abayigugu bangalolo suku, emva kokuba sebehlanganyele emisebenzini emikhulu kaKristu.

⁴³ Manje, yeka isikhathi esibusisekile okuyiso, yeka ukuthi nizonda kanjani ukushiyana! Kuwuthando ukuthi, kwenzeka enhliziyweni. Kubi kakhulu ukuthi okuningi kwalokho kuyashoda namuhla emibuthanweni yethu, yilolothando lwangempela iBandla okufanele libe nalo komunye nomunye.

⁴⁴ Ezinsukwini zokuqala zenkonzo yami, ngalusa ibandla, futhi sasivame ukuhlangana ebusuku, ngendlela encane yokuzenzela yasekhaya, futhi sihlanganise izandla zethu, futhi siyocula leluculo:

Libusisiwe igoda elibophayo
 Zinhliziyiyo zethu othandweni lobuKristu;
 Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
 Injengalokho ngaphezulu.

Nxa sehlokana ingxenye,
 Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
 Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
 Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

⁴⁵ Obuningi balobobuso obudala obuyigugu benziwa eBukhloneni bukaNkulunkulu, naleloculo lisananela phansi emphefumulweni wami, ukuthi “sisazobe sihlangene enhliziyweni, futhi sethemba ukuhlangana futhi.” Ngiye ngasiza ekumiseni amatshe amathuna phezu kwamathuna abo amaningi, futhi ngababona bephonsa bebuyisela inhlabathi lapho sengibuyisele isidumbu, “umlotha emlotheni nothuli othulini,” kodwa, “Uluthuli, ubuyela othulini, akukhulunywanga ngomphefumulo.” Kunjalo, uqhubekile

wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, leyonhlanganyelo, okuthile ukuthi. . .

46 Abazalwane abakhonzisayo bangangena bathi, “Kwenziwa kanjani, Mfowethu Branham na?” Besiyo, besingeke sikwazi ukusuka komunye nomunye, besifuna ukuxhawula futhi, futhi ngezinye izikhathi siyohamba siphumele emotweni, futhi simbambathane emahlombe, hhayi nje okokuzenzisa, okokuzenzisa, kodwa okuthile obekuphuma ngempela ezinhliziyweni zethu.

47 Ngifisa nje ukuthi lonke iBandla likaNkulunkulu ophilayo lingazizwa ngaleyondlela ngakho kulobubusuku, besingaba nje ebunyeni obungako ngokuza kweNkosi, engikholwa ukuthi sekuseduze manje, ngikholwa ukuthi siphila ethunzini lakho impela.

48 Futhi uma Engezi namuhla, ngizobe ngiMbhekile kusasa, futhi uma Engezi kulonyaka, ngizobe ngiMbhekile ngonyaka olandelayo. Noma nini nje, ngifuna ukuMbheka umzuzu nomzuzu eza, ngiqhubeke, ngenza nje engingakwenza, kodwa ngisakholwa ukuthi Uyeza noma nini, ngikulungiselele. Futhi ngicabanga ukuthi ukulungiselelwa kweBandla kufanele kume kulesosimo ngaso sonke isikhathi, ukuthi sifanele ngempela sibheke ukuFika kweNkosi.

49 Futhi manje, njengoba inhlanganyelo enjalo yayikade ijatshulelwa, lababafundi bephumela olwandle manje, noma, bewela ichibi, ngingacabanga ukuthi ilanga lashona njengoba lenzile namhlanje ntambama, lilihle ngaphesheya kolwandle. Namanzi ayezothile futhi babeshaya okuthi akube kubili ngezigidwelo zabo, bese-ke besukuma, bavayizelise nisale kahle, nabo osebeni bevayizelisa nisale kahle, “Nibuye, niphinde nisibone futhi.”

50 Futhi—futhi kwathi lapho isikebhe esincane sesiphumile, umugqa omncane waya ngokufiphala ngokufiphala osebeni lwabantu bevayizelisa, futhi ekugcineni banyamalala. Kungenzeka ukuthi badonsa isikhashana impela, futhi—futhi besebenza bethi ukujuluka, niyazi, lapho udonsa lezo zigwedlo ezinkulu, ezisindayo. Abaningi benu bantu abadonse izikebhe bayazi ukuthi kusho ukuthini lokho.

51 Futhi ngemva kokuba sebe. . . kufanele ukuthi kwakunguJohane osemncane owathi ukunikezela kuqala, niyazi, ngokuba umfo omncane, kungenzeka ukuthi wayeka futhi wesula umjuluko ebunzini lakhe, wathi, “Nithini, bazalwane? Ake sime imizuzu embalwa futhi sibambe umoya omncane,” njengoba bona, awu, engomncane, ngakho badonsela ngaphakathi izigidwelo zabo.

52 Ngemva kokuzihambela kancane wathi, “Kungani singabi nomhlangano wobufakazi ngenkathi sisalindile lapha, ukuze siphumule kancane?” Futhi—futhi niyazi, kuwuhlobo lokuthi,

lapho unezinto eziningi enhliziyweni yakho, futhi awukwazi ukukubamba ngqi, ufanele usho okuthile ngakho. Futhi ngakho ngingamcabanga lowomfo osemncane, okuthile nje okubilayo kuye, wayebone okuthile ngalelolanga okwamkholisa. Futhi umuntu lapho ekholisisekile nganoma yini, akakwazi ukuthula, yilokho kuphela, ufanele nje enze okuthile ngakho.

⁵³ Futhi lapho iBandla selikholisisekile ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Ukhona lapha enathi, namuhla, esesimweni sikaMoya, ngiyanitshela, kuzoba nokugadla kwemvuselelo ezweni eyoshisa isizwe, lapho wonke amalunga eBandla ekholisekile ngokugewele. Kodwa bafanele bakholiseke kuqala, ngaphambi kokuba babe qotho ngakho.

⁵⁴ Ngakho uJohn osemncane wathi, “Sizoqala umhlangano wobufakazi sisalindile, ngingathanda ukuba ngowokuqala ukufakaza,” ngoba kwakuvutha nje kuye.

⁵⁵ Ngikhumbula udade owayevamise ukuba sebandleni lethu, wayecula iculo elincane, okuthile engikukhohlwayo ukuthi yini, kanjani yena, ukuthi ukubiza kanjani, kodwa *okuthile-okunye*, “Ugijima, ugijima, ugijima, futhi awukwazi ukuma unganyakazi,” noma okuthile okunjalo, “wavele waya ngale, futhi akakwazi ukuma anganyakazi,” noma okuthize. Kodwa waye, impela wayene—nejubili langempela lonke kuye ngalo, noma ngabe bonke benza noma qha, wayenesikhathi esimnandi ngalo. Ngakho, leso kumelwe ukuba kwakuyisimo uJohane ayekuso. Futhi ake sime nje manje, futhi sibalalele befakaza.

⁵⁶ UJohane wathi, “Bazalwane, kunento eyodwa engikholisisekile kuyo, singatshela izwe, kusukela namuhla kuqhubeke, ukuthi asilandeli uhlobo oluthile lukawaka, asilandeli umprofethi thizeni wamanga, okunye *okuthile* okukhukhumalisiwe o—okungazi lutho, kodwa silandela uNkulunkulu, asilandeli umprofethi wamanga othile.

⁵⁷ “Ngingakhumbula ezinsukwini ngisengumfanyana, ngangivame ukudlala entwasahlobo emimangweni, futhi ngikhumbula umama wami omuhle, ongumJuda wayevame ukungibiza ngingene, futhi—futhi angihlalise egosini elibheke ngezJordanani, angiyendzelise ukuba ngilale ezingalweni zakhe, futhi wayengixoxela izindaba zeBhayibheli. Futhi wayengikhombisa lapho uJoshuwa, iqhawe elikhulu, awela khona umfula ngaphansi kwamandla kaJehova, wagingqela emuva amanzi, futhi entwasahlobo izikhukhula ezinkulu, ezinodaka zama nse, ngenkathi abantu bakithi bewela emihlabathini yabo ezweni labo uqobo, lapho bekhuphuka bevela ezigqilini bephuma kwelinye izwe, babesezansi lapho bephila njengezigqila, futhi manje base belethwe ezweni lakubo uqobo.

⁵⁸ “Futhi wangitshela ukuthi uNkulunkulu wabanakekela kanjani ohambweni lwabo, kanjani ukuthi iminyaka

engamashumi amane phandle lapho ehlane, ngaphandle kokwehluleka nakanye, uNkulunkulu wehlisela emhlabeni isinkwa esivela ezulwini njalo ebusuku ukuze basithole sisisha nsuku zonke.

⁵⁹ “Futhi ngangivame ukusho njengomfana omncane, ‘Mama, kuyinto exakile, angiqondi ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani lokho. Ingabe Unabasebenza ebusuku besebenza phezulu lapho, futhi amazulu agcwele amabhikawozi Abhaka isinkwa kuwo, neziNgelosi ziyasibhaka, bese zehla ngelata futhi zisakazeke emhlabeni wonke kubantwana baKhe na?’ Ngiyakhumbula ngabuza uMama lokho.

⁶⁰ “Futhi wayethi kimi, ‘Mfana wami omncane, Johane, kusobala uqonda njengomntwana, kodwa uyazi, uJehova akudingeki enze lolohlobo lwezinto, uJehova unguMdali, Akadingekile ukuba abe nohHAVINI, futhi abhake isinkwa, futhi adlule enqubweni esiyenzayo, kodwa UnguMdali, futhi konke Afanele akwenze nje ukukhuluma iZwi nesinkwa sesikhona.’

⁶¹ “Futhi bazalwane, namuhla ngenkathi—ngenkathi u-Andreya ehlela lapho futhi ngathola lawo mabhisikidi amancane amahlanu kulowo mfanyana owayelova esikoleni, futhi wasinika lokho kudla kwasemini, futhi ngenkathi ngiMbona ethatha lesosinkwa, futhi esihlephula, futhi ondle abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngangazi ukuthi lowo kwakungesuye umprofethi wamanga, kukhona ukuxhumana okuthile lapho noNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu yedwa angakwenza, Lokho kufanele, kube nguNkulunkulu. Futhi niqaphelile, Wayebukeka njengoJehova ngenkathi Ema lapho ecosha lesosinkwa na?

⁶² “Futhi niyazi, ngathi shelele ngazungeza ngemva kwedwala, futhi ngakhuphukela phezulu, futhi ngabheka ngale, futhi ngathi, ‘kazi Ulithathaphi?’ Futhi Wacosha lelibhisikidi, futhi ngenkathi Esehlephule ibhisikidi, futhi ngaqaphela isiphetho salo, futhi Waledlulisela komunye wenu bazalwane, ngenkathi isandla saKhe siqale ukubuyela emuva, kwakukhona ibhisikidi elifanayo futhi, liphelele. Ngakho Yena—Yena wayengadingi ukuba—ukuba esalibhaka, ladalwa esandleni saKhe ngqo. Ngakho Kufanele ukuthi kwakunguJehova, futhi, ngokuba WayenguMdali, ngibone indlela Ayenza ngayo, KwakunguJehova, ngiyazi ukuthi Nguye. Futhi Akayona into engamanga, futhi ngikholisisekile. Nalowomfanyana, ukuthi ngawaqaphela kanjani amehlo akhe amancane lapho ebheka phezulu.”

⁶³ Manje, niyabo, kubafana abancane lapha kulobubusuku, lowomfana omncane wayehamba, mhlawumbe eyodoba, noma kungenzeka ukuthi wayesendleleni yakhe eya esikoleni, kodwa lapho e—ngenkathi esebone lesosixuku, yena, njenganoma yimuphi umfana omncane, yena—yena wagijima wenyuka

njengesibukeli ukuze abone ukuthi kwakwenzakalani. Kodwa ngesinye isikhathi wezwa iPhimbo likaJesu, lokho—lokho kwakungcono kunokuya kodoba, yena—yena wayefuna ukulalela, Okwashiwo.

⁶⁴ Khona-ke babuza ukuthi kukhona yini okudliwayo, futhi wayenezinhlanzi zakhe ezimbili kuphela namabhisikidi amahlanu. Futhi ngakho-ke, ku—kwakungekuningi kakhulu esandleni somfanyana, kodwa ngenkathi evumela uJesu ukuba abe nakho, buka ukuthi kwenzani. Futhi manje, yilokho okuyikho, izimpilo zethu aziningi kangako inqobo nje uma siziphathela ngokwethu, kodwa uma zike zaba sezandleni zoMdali, Angathatha kanjani lokho okuncane esinakho, futhi akucindezele, futhi ondle isixuku, futhi kukhumbuleni nje lokho. Lapho uzwa uJesu ekhuluma enhliziyweni yakho, vele unikele konke onakho kuYe, khona-ke Uzoya ekukwandiseni futhi ondle abanye ngobufakazi bakho, futhi noma yini onakho ukuMnika khona, Uzokubusisa.

⁶⁵ Ngakho lapho uJohane eseqedile ngobufakazi bakhe, akabange esakwazi neze ukuhlala phansi kwaze kwaba yilomdobi omkhulu, onomhlane omkhulu, okuthiwa uPetru, wasukuma emkhunjini, wabheka ku-Andreya, wayesethi, “Ngiyakhumbula ngenkathi umfowethu, u-Andreya, wahamba ukuyolalela uJohane, wangitshela ukuthi wayekhuluma ngoMesiya ozayo, ngakho ngacabanga ukuthi kwakungamanye amahemuhemu nje edabula ezweni, ngomunye nje, njengoba kade beza behamba.

⁶⁶ “Ngakho niyazi, u-Andreya ufika ngelinye ilanga ekholisekile ukuthi Lona kwakunguMesiya, ngakho wangibiza ukuthi ngehle naye ezansi ukuze ngiMlalele ngokunye ukusa. Ngakho ngamtshela ukuthi ngizohamba ngiyozwa kanye, ngoba ngase nginqumile engqondweni yami ukuthi uma beKunguMesiya bengiyoMazi, ngoba ngangingeke ngisondele kuYe nganoma yimuphi umqondo wobuphukuphuku, Ngangizosondela kukho, indaba, ngomBhalo, futhi kwakufanele kube ngeBhayibheli.

⁶⁷ “Futhi u-Andreya lapha, umfowethu, ungamkhumbula kahle ubaba wethu omdala ompunga, lapho engihlalisa esikebheni ngolunye usuku, ngemva kokuba siye, cishe sesiphelelwe isinkwa ekhaya, umgqomo wawusuthi awungabi nalutho, nophiso lomile, futhi asibambanga nhlanzi, futhi ngalokho kusa, sisabuthene, sasinezikweletu okufanele sizikhokhe, futhi sakhuleka, ‘Nkulunkulu siphe ukubamba okuhle namuhla.’ Futhi u-Andreya, uyazi ukuthi sakhuleka kanjani ngalezozinto, nokuthi uBaba wasifundisa kanjani, futhi ngalolosuku saba nokubamba okumangalisayo, okwanele ukukhokha zonke izikweletu, futhi usitholela okuthile ukuba sikudle okosuku.

68 “Ngalolo suku uBaba wangibamba ngesandla, wayesethi, ‘Simoni, mfana wami, ngikufundisile izinto ezilungile. Zonke izinsuku zami bengilangazelela ukubona lowoMesiya ozayo, ngi—ngangikholwa ukuthi ngizoMbona, kodwa kubukeka sengathi manje sengimdala, futhi ngi, mhlawumbe ngeke ngikwazi ukuMbona, futhi, kodwa mhlawumbe uzoMbona ezinsukwini zakho. BesiMbhekile, ezizukulwaneni ezizayo kusukela ekuqaleni impela kwesikhathi, kodwa ngolunye usuku, Simoni, Uzofika, futhi uma Engafiki esizukulwaneni sami, Angahle afike kwesakho, ngoba Uyisithembiso sikaNkulunkulu.’”

69 Ngiyakuthanda lokho. Isithembiso sikaNkulunkulu asinakwehluleka. Kunjalo. IZwi liqinisile, Alinakuguquka, Lifanele lihlale nje ngendlela ELalotshwa ngayo. UNkulunkulu uzokwahlulela izwe ngolunye usuku, futhi umhlaba uzodingeka ube neBhanela. Futhi uma ibandla liyiBhanela, okungukuthi, likuphi ibandla na? Kunamakhulu ezinhlangano ezahlukene zawo. Kodwa iBhanela uNkulunkulu azolehlulela ngalo kungeZwi laKhe.

70 Ngiyalikholwa iZwi, ngokuba eNcwadini yeSambulo kulotshiwe ukuthi, “Owengeza into eyodwa kulo, noma akhiphe utho, okufanayo kuyokhishwa engxenyeni yeNcwadi yokuPhila, kuye.” Ngakho ngikholwa ukuthi leliZwi liyilokho nje eLiyikho. LiyiZwi likaNkulunkulu nje.

71 Futhi ngizokwenza lomFarisi omkhulu omdala kulobubusuku, akholwe leyonto efanayo ngenkathi ethi, “‘Simoni, kuzoba khona zonke izinhlobo zezinto ezingamanga eziyovela kuyo yonke iminyaka, uyophila ube ikhehla, ngiyethemba, kodwa lapho lowoMesiya efika, Simoni, ngizokutshela ukuthi Uyoba yini: Uyoba yilokho impela umBhalo othi Uyoba yikho.

72 “‘Manje, uMose, umprofethi wethu, ushilo kithi, emBhalweni wethu ogoqwayo kuDuteronomi, ukuthi ‘INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa phakathi kwenu umProfethi onjengami;’ Manje, Simoni, uzoMazi ngoba Uzoba ngumprofethi. Futhi uzoba...uzoMqonda ngalokho, ngoba umBhalo uthi Ufanele abe ngumprofethi.

73 “‘Ngakho uzothola inqwaba yezinto eqhubekayo, kodwa loMuntu uzoba umprofethi, futhi ngaphandle kwalokho, thina maJuda siyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liza kumprofethi’” (Yilokho impela umBhalo okushoyo, “IZwi leNkosi leza kubaprofethi.” Futhi ngakho u—uMprofethi wayezofika.) “‘manje, ungakukhohlwa lokho, Simoni,’ wangitshela, futhi cishe impela ngamazwi akhe okufa wangitshela, ‘Ndodana, ungakhohlwa, khumbula, lapho Efika, Uzoba ngumProfethi ofana noMose, ngoba yilokho impela eLikushoyo.

⁷⁴ “Futhi uzokwazi kanjani ukuthi Uyoba ngumprofethi, ngoba uMose usitshelile, nemiBhalo iyasitshela, ukuthi uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, futhi akushoyo kufezeke, khona-ke muzweni. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamesabi, ngoba iZwi leNkosi alikho kuye, ngoba uNkulunkulu akanakuqamba amanga, uNkulunkulu ufanele abe yiQiniso. Futhi uma uMuntu ekusho, futhi kuyafezeka, khona-ke Ku—beKungesuye umuntu, beKunguNkulunkulu. Futhi ngakho, yileyondlela ozoMazi ngayo.”

⁷⁵ “Futhi niyazi, ngenkathi ngehla ngalolosuku, ngathi ukumngabaza u-Andreya,” futhi ngiyacabanga enyakazisa amahlombe akhe *kanjalo*. Wathi, “Ngathi ukumngabaza umfowethu u-Andreya, ngacabanga ukuthi Kwakungokunye okuthile nje. Kodwa ngenkathi ngenyukela emhlanganweni ngalokhokusa, U-Andreya wayefike lapho kuqala kakhulu kunami, ngoba kwadingeka ngiqedele amanetha, ngithunga amanetha, futhi ngenkathi ngifika eBukhoni bukaJesu waseNazareth, wangibuka ngqo, futhi Wathi, ‘Igama lakho unguSimoni, futhi uyiNdodana kaJona.’”

⁷⁶ “Wayengazi nje kuphela ukuthi ngangingubani, Wamazi lowobaba wami omdala omesabayo uNkulunkulu.” Wathi, “Lokho kwangixazululela, ngangazi ngalesosikhathi ukuthi KwakunguYe, Lowo kwakunguMprofethi uMose ayekhulume ngaye, owangikhulisa ukuthi kwaKunguLowo.”

⁷⁷ Akazange aqede ukukhuluma, waze wagxuma uFiliphu wathi, “Umzuzu nje, bazalwane. O, angisakwazi ukubamba!” Futhi Waphenduka, wabheka phezulu ngaphambili esikebheni, wathi, “Nathanayeli, uzongixolela na?”

“Ngani, impela, Mfowethu Filiphu, kuyinhlanhla kuphela kuwe, ngikuzwe ufakaza.”

⁷⁸ “Manje, mina noNathanayeli sasingabafana ndawonye. Sakhula, saya esinagogeni elifanayo, sahlala emabhentshini efanayo, si—sasi—sasingabafana ndawonye, futhi sobabili safundisisa imiBhalo ngokucace kakhulu. Ngangimi lapho ngalolosuku ngenkathi ngiMbona futhi ngaMuzwa etshela uSimoni ngoyise nangaye. Futhi ngajabula ngokweqile kakhulu, futhi sobabili sasivumelene ukuthi lapho uMesiya efika, Wayefanele abe nguMesiya wangokomBhalo, Wayefanele abe nguMesiya wangokomBhalo. Ngakho ngaqala ukugijima ngangokunokwenzeka.

⁷⁹ “No—noNathanayeli, angikhohlwa ukusa engangqongqoza ngabo emnyango laphaya, ngangigijime cishe impela ubusuku nemini ukuze ngifike lapho, futhi ngangqongqoza emnyango, nomkakh wathi, ‘Uphumele esixhantini sakhe.’”

⁸⁰ “Futhi ngaphumela lapho, futhi wawukhuleka, futhi ngakuzwa emkhulekweni wakho uthi, ‘O Nkulunkulu, silinde

isikhathi eside kakhulu, kodwa siyakholwa ukuthi ihora lizosondela lapho siyobona khona uMkhululi, siMbhokile noma nini. Futhi, Nkulunkulu, ngilapha kulokhu ukusa ngoba okuthile okuyinqaba kungishayile izolo kusihlwa, ngiphuphe ukuthi ngaMbona. Futhi ngi—ngilapha kulokhu ukusa ngikhuleka.”

⁸¹ Futhi lapho nje esukuma, awu, uFiliphu wathi, “Woza, ubone ukuthi nguBani esimtholile, uMesiya. SiMtholile okwakhulunywa ngaye nguMose nabaprofethi, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa.” Akazange ame ukubuza ukuthi insimu yezithelo yayiqhuba kanjani, i... wayekholisisekile. Yilokho okuyinkathazo namuhla, sinezinye izinto eziningi esizithwalayo, ukuthi kubonakala sengathi asikholisekanga kahle hle. Ngakho-ke uma sikholisekile ukuthi kulungile, siqonde ngqo esibhakeleni, sikukholwe.

⁸² “O, ngize emhlanganweni kaMfowethu Roberts, ngizokhulekelwa, uma ngikugeja lapho, ngizoya emhlanganweni kaMfowethu Allen, uma ngikugeja lapho, ngizobamba umhlangano kaMfowethu Branham” noma okunye... Ungakwenzi lokho. Kholiseka ukuthi UnguNkulunkulu, futhi ukukholwe, ukuthi iZwi laKhe liqinisile, futhi ukuxazulule khona lapho, weneliseke ngokuphelele. Akukho lutho kithina bantu, singabantu, kungukuthi: NguYe owafa, UnguYe, ya, owavuka futhi, futhi uphila kuze kube phakade. Siyizidalwa ezifayo, abameleli baKhe, si—siyafa, abantu, kodwa Angeke afe, UNgongafiyo.

⁸³ Manje, futhi uFiliphu waqonda ngqo ephuzwini wayesethi, “Woza, uMbone. SiMtholile.”

⁸⁴ “Futhi Nathanayeli, uyakhumbula leso sifuthefuthe esedlula kuwe na? Wacabanga, kwenzekeni kimi na? Impela wawusuke waya endaweni ejulile ndawondawo. Ngani, wathi, ‘Filiphu, kwenzekeni kuwe na? Ngani, uma uMesiya eyoza, Uyohamba ehle ngqo emaphaseji eZulu, ehlele ngqo eqenjini lethu—lethu uqobo, futhi Uyokhuluma ngqo eqenjini lethu uqobo labaFarisi, nabaSadusi, futhi aphume kukho ngokuphelele. Ngakho bekungeke kube khona lutho olunye kukho. Awu, futhi Ubeyokhuphukela ngqo etempelini kwekomkhulu, futhi—futhi lapho Uyoza Yena uqobo kuKayafase, umpri wethu omkhulu, futhi lokho kuyokuxazulula.”

⁸⁵ Kodwa niyazi, uNkulunkulu wenza izinto ngendlela yaKhe uQobo. Yena nje, Unendlela yokukwenza. Uhlala enezinto ezinjalo, Azenzayo, ukuthi Yena... UnguNkulunkulu, futhi U—Usebenza njengoNkulunkulu, U—Usebenza njengoNkulunkulu, ngoba Ungongafi, ongenasiphelo. Ingqondo yethu encane enesiphelo ingafinyelela kanjani lapho kulowomqondo kaNkulunkulu ongenasiphelo na? O, Ukhona yonke indawo, wazi konke, Ungu—UnguNkulunkulu.

⁸⁶ Futhi lapho, ngenkathi . . . Wathi, “Angikaze ngimoshe noma yimaphi amagama no—noNathanayeli, ngathi, ‘Woza ubone.’”

⁸⁷ Kungumqondo omuhle lowo. Niyabo? Ungahlali ekhaya ugxeke, woza uzozitholela wena, leyo yindlela engcono kakhulu. “Hlolani imiBhalo,” uJesu wathi, “ngoba kuYo ucabanga ukuthi Ine . . . unokuPhila okuphakade, futhi YiYo efakaza ngaMi.” Ngamanye amazwi, “Uma Ngi—uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, futhi ningenakukholwa yiMi, kholwani yimisebenzi,” ngoba imisebenzi yiyo efakaza ngobufakazi. Unga ubufakazi, kepha imisebenzi oyenzayo, futhi impilo oyiphilayo ikhuluma kakhulu kunabo bonke ubufakazi obungabunikeza. Ngakho-ke imisebenzi ikhuluma kakhulu kunobufakazi.

⁸⁸ Wathi, “Kholwani imisebenzi eNgiyenzayo. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, khona-ke uma ningenakuNgikholwa ukuthi nginguNkulunkulu, khona-ke kholwani imisebenzi eNgiyenzayo.” Manje, qaphelani, Akazange aZithathele udumo, Wathi, “AkuMina, nguBaba ohlezi kiMi, Wenza umsebenzi.”

⁸⁹ Manje sithola ukuthi uNathanayeli, ehamba osebeni no—noFiliphu, futhi, niyazi, uFiliphu kungenzeka ukuthi waqala ubufakazi obunjengalobu: wathi, “Uyamkhumbula lowoSimoni, umdobi, leyondoda engenamfundo na?”

“Yebo, ngiyakhumb- . . . Ngangimazi uyise, uJona, yebo.”

“Uyakhumbula ukuthi wathenga izinhlanzi kuye ngesinye isikhathi, akakwazanga ukusayina irisidi?”

“Yebo, ngikukhumbula kahle lokho.”

⁹⁰ “Awu, u-Andreya, umfowabo, wayeyikholwa kuMesiya futhi wamtshela, njengoba mina nawe safundisa, ukuthi uMesiya uyoba ngumProfethi onjengoMose, leyo yindlela engokomBhalo yokusondela kuYe. Futhi manje, uma kunguYe, khona-ke nakhu okwenzekile: Lapho efika eBukhloneni bukaJesu waseNazaretha, uJesu wamtshela ukuthi wayengubani, wathi, ‘Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.’ Futhi uyazi ukuthini, Nathanayeli? Ngeke kungimangaze uma Engakutshelanga ukuthi ungubani lapho ufika. Hhe-e. Ngeke kungimangaze.

⁹¹ “UNathanayeli wathi, ‘Awu, Filiphu, ngeke ngigxeke, ngizovele ngithole.’ Awu, lapho sifika emhlanganweni,” kungahle ukuba kwakunomugqa womkhuleko, noma kungenzeka ukuthi babehlezi phandle ezethamelini, noma ngabe kwakukukuphi, noma besukuma, ngandelela thize kwakukhona iqembu labaFarisi lapho, futhi babazi . . .

⁹² Manje, babengabadala abagcina umthetho, kodwa babengakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Ngakho bona—

bona, bemi nezandla zabo emva kwabo, futhi babone uJesu enza lezi zibonakaliso, futhi bazi ukuthi babezofanele baphendule ebandleni labo. Futhi babengenakusho ukuthi kwakungenziwanga, ngoba kwakuphambi kwebandla ngqo, ngakho bathi, “UnguBelzebule. Uyinkosana yodeveli. Yilokho yena...” Ngamanye amazwi, umoya ongcolile wenza lokho, udeveli, umbhuli, noma omunye umoya ongcolile. Sonke siyazi ukuthi ukubhula nalezozinto kungokukadeveli. Futhi ngakho babiza uMoya owawukuKristu ngomoya ongcolile.

⁹³ Futhi Wabatshela, wathi, “Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza, Uyokwenza into efanayo, nokukhuluma izwi elimelene naLokho akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.” Ngakho ngiyazibuza ukuthi singabe siphila kulolosuku na?

⁹⁴ Empeleni, sithola ukuthi ngenkathi bekhuphukela phakathi e, lapho abantu ababekhona, uJesu waqalaza ngqo ezixukwini, noma mhlawumbe uNathanayeli kungenzeka ukuthi ungene emgqeni ndawondawo, noJesu wambuka wathi, “Bhekani umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!” Akazange amtshela ukuthi wayengubani, kodwa Wathi, “umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.”

⁹⁵ Wathi, “Rabi,” (okusho ukuthi “mfundisi, nkosi,”) “Wake wangazi nini?” (“Manje, ngiyisihambi kuWe,” ngamanye amazwi.) “Wake wangazi nini?”

Futhi nakhu kufika umbu-...nakhu kubuya, Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, lapho ungaphansi kwesihlahla ngakubona.” O, he!

⁹⁶ Sengiyambona uNathanayeli omdala esukuma phambi kwesikebhe, futhi emxhawula, futhi ememeza kancanyana, futhi esina ezungeza isikebhe, futhi kungenzeka ukuthi uMathewu owathi, “Hlala unganyakazi, uzogumbuqela isikebhe.” O, babesukuma futhi benejubili langempela ngaleyonkathi, niyazi, umhlangano wangempela wobufakazi. Awuthandi ukungena kulabo na? Ukuba nesikhathi esimangalisayo nje, wathi, “O, hlala uthule, Mfowethu, uzogumbuqela isikebhe.”

⁹⁷ “O, ngikhumbula kahle, lokho kwasikhipha ngempela sonke isitashi kimi, ngokuba mina noFiliphu sasisanda kuxoxa ngalowo mBhalo, ‘uma kwakukhona phakathi kwethu owayengumprofethi,’ futhi sasingenamprofethi iminyaka engamakhulu amane, futhi, kusukela kuMalaki, eminyakeni engamakhulu amane ngaphambili, nomqondo womprofethi wawusufiphele. Kodwa ngenkathi leyoNdoda eyisihambi ingitshele ukuthi ngangikuphi ngaphambi kokuba ngisho ngize lapho, lokho kwakuxazulula kimi, ngazi.

⁹⁸ “Ngabe sengiqalaza, futhi ngabona u, umbhishobhi wami,” noma ungambiza ngani, “phezulu lapho, umpristi emi phezulu lapho, futhi wanginika ukuhlina okukhulu, ngoba, niyazi,

ngangivamise ukuba yidikoni laphaya. Futhi ngakho, wanginika ukuhlina okukhulu, kodwa ngakholiseka, ngangazi ukuthi kwakunguYe Lowo, ngakho angizange... ngafulathela, futhi ngagijimela ngale kuYe, ngase ngiwa phansi ezinyaweni zaKhe, futhi ngathi, 'Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli.'

⁹⁹ O, ngiyamuzwa-ke ethi, "Uxolo, Filiphu, angikwazanga ukukuvumela ukuthi uqhubeke, bekumele ngikusho mina uqobo." Niyabo? Ngenkathi kwenzeka kuwe, uyathanda ukukuxoxa wena uqobo, yilokho nje, kukhona okuthile ngakho, uthola injabulo ngokukusho. Yeka umhlangano wobufakazi!

Futhi u-Andreya ezama nje ukusukuma, noSimoni embambe phansi, niyazi, wathi, "Mina ngokulandelayo," washo wagxumela phezulu.

Wathi, "Bazalwane, ake ngifakaze ngathi sonke. Niyalukhumbula usuku lapho Asitshela ukuthi Wayezokwehlela eJeriko na?"

"Yebo, ngiyakhumbula ngehlela eJeriko."

¹⁰⁰ "Futhi kanjani ukuthi Yena, udinga ukudlula ngaseSamariya na? Samangala kanjani ezinhliziyweni zethu, 'Unyukelani le eSamariya, esikhundleni sokwehlela ngqo eJeriko na?' Kodwa Wathi Wayenesidingo sokudlula."

Omunye wabo wathi, "Ya, impela, ngiyakhumbula."

¹⁰¹ "Niyakhumbula lapho, ezansi lapho echibini laseBethesda ngalolosuku, ngenkathi leyondoda yaphulukiswa ilele lapho, kulesosixuku esikhulu sabantu na? Futhi Wathi laphaya, 'Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza?' Niyabo, kufanele ukuthi Waholwa ukuba enyukele laphaya, futhi samangala ukuthi kungani Enyukele kulawomaSamariya.

¹⁰² "Khona-ke safika eSikhari, futhi thina... Wahlala phansi engathi Wayekhathele, futhi Wathi, 'Hambani ningene emzini, nisitholele okuthile ukuba sikudle.' Futhi sathi shelele sangena, futhi niyakhumbula, nokuthi yini... kanjani thina... kwenzenkani. Futhi endleleni yethu ebuyayo samangala ukubona lona wesifazane, enodumo olubi." Niyazi ukuthi ngisho ukuthini. Lezozinsuku, awu, babefanele baphawulwe uma babe—babengabesifazane ababi.

¹⁰³ Ngakho bathi, "Sambona lowo wesifazane, neNkosi yethu ikhuluma naye. Yeka into exakile, uMelusi wethu ekhuluma nowesifazane onjalo! Futhi wayelapho-ke, emi lapho na—nawonke amagoda akhe elungisiwe ekhanda lakhe, futhi—futhi wayenalembiza yamanzi, futhi eya kokha amanzi.

¹⁰⁴ "Futhi waqala ukuyehlisa, awu, sacabanga, 'E-o, akayena owohlanga lwethu, Uzomtshela ezikabhoqo ngempela. Futhi bhekani, uphawuliwe, ake sibone ukuthi Uzothini kuye, ngoba

akalungile, ungabona u, phawu lwakhe alugqokayo, ukuthi uphawuliwe. Ngakho, futhi akayena ngisho owamabandla ethu nhlobo, akalona ngisho uhlanga lwethu lwabantu, ngakho Uzomtshela khona ngempela, bheka nje futhi ubone.' Futhi sathi shelele ngemva kwezihlahla futhi salalelisisa ngempela.

105 "Futhi Simoni, angikwazanga ukukwenza ikhanda lakho libheke phansi, ngakho-ke, wawufuna nje ukubheka ngaphezulu kwamahlombe omunye umuntu. Futhi ngakho-ke sabuka isikhashana, futhi owesifazane wahhuka amahhuku phakathi e—embizeni, futhi waqala ngesigwedlo ukuyehlisa, Wayesethi, 'Ngiphuzise.'

106 "Futhi waphenduka, waye—wayengakaze aMqaphele. Mhlasimbe, wayephume ubusuku bonke, futhi wayozela. Futhi ngakho akaMnakanga ehlezi lapho."

107 Futhi WayeyiJuda elimaphakathi nendima yempilo. Wayengakabi namashumi amathathu eminyaka ubudala, kodwa ngicabanga ukuthi ngokomBhalo, bathi Wabukeka engathi unamashumi amahlanu, ngoba bathi, "Uthi ubone u-Abrahama, futhi wena ungumuntu ongabeke eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala?" Ngakho kufanele ukuthi kwakuyinkonzo yaKhe eyaMkhandla kancane, niyazi. Futhi Wathi—futhi Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Kunjalo, lowomzimba omncane, wasemhlabeni wawungahlangene ngalutho nawo. Ngakho Ufanele ukuthi Wabukeka njengeNdoda emaphakathi nendima yempilo, ehlezi encike odongeni lapho. Futhi Wathi . . .

108 "Owesifazane wathi, 'Mnumzane, akusilo isiko, Awuqondi ukuthi—ukuthi sinokwehlukana lapha, ukuthi—ukuthi Wena u—u—umJuda, ubungacela noma yini kimi, owesifazane waseSamariya.'

"Niyakhumbula ukuthi Wathini na? Wathi, 'Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani . . .'"

109 Ngiyamangala, kulobubusuku, uma sazi ngempela ukuthi kuyini Lokhu Okwehlayo. Uma singavula amehlo ethu, futhi sibone iziNgelosi ezikhundleni zazo, sibone uMoya oNgcwele (Udumo kuNkulunkulu!), ulungele ukwenza okuthile!

110 "“Ukube kuphela bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi, bengizakunika amanzi ungezi ukuzokukha lapha.' Futhi waqhubeka waMtshela ngomthombo. Futhi uyayikhumbula ingxoxo mayelana nokukhulekela eJerusalema? Futhi Wamtshela ukuthi uNkulunkulu wayenguMoya, futhi 'abakhuleka kuYe bafanele ukukhuleka kuYe ngoMoya nangeQiniso.'"

Ngakho bathola ukuthi ingxoxo yaqhubeka. "Wathi kuye, 'Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.'

"“Ngani,' wathi, 'Anginandoda.'"

111 “Futhi, o, Marku, ngikubonile ukubukeka kobuso bakho! Wathi, ‘Nasi isikhathi esisodwa lapho kukhona ukushelela. Kukhona okungalungile lapha, ngenxa yokuthi uvuma kuYe, noma, ethi kuYe, ukuthi akanandoda, futhi Uthe wayenayo indoda. Manje, kuzokwenzekani?”

“Wathi, ‘Hamba, ulande indoda yakho uze lapha,’ ubunye, *indoda*. Wayengenayo enjengaleyo, yiqiniso lelo. Kunjalo.

“Wathi, ‘Hamba, ulande indoda yakho uze lapha.’

“Futhi yena—futhi yena wathi, ‘Anginandoda.’

112 “Wathi, ‘Ukhulume iqiniso. Wena, usho kahle, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona eyakho, ukhulume iqiniso.’

113 “Futhi uyakhumbula,” kusho u-Andreya, “ukubukeka kobuso bakhe na? Wathi, ‘Mnumzane,’ hhayi njengalabobapristi ababesezansi lapho ngenkathi bekubona kwenziwa, bathi ‘UnguBelzebule,’ wathi, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena.’” Amen. “‘Siyazi,’” thina maSamariya, “‘siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, kodwa Wena ungubani na?’”

114 Waye—wayeMthule njengaye, noma—noma, waziwa kuye njengomprofethi. Kwakufanele kube ngumprofethi, Akakaze ambone ngaphambilini. “Ukwaze kanjani lokhu na? Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi.”

115 Manje, qaphelani lokho... Niyabo, wayengumfundi womBhalo, wayeseZwini, mhlawumbe wayazi kakhulu ngaYo kunabanye abantu abanengi bazi, ngisho namanje. Wathi, “Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Futhi siyazi,” amen, “ukuthi lapho uMesiya efika, lapho uMesiya efika, Uzositshela lolu hlobo lwezinto, lokhu kuzoba yilokho Azositshela khona.”

“Wathi, ‘NginguYe okhuluma nawe.’

116 “Ashintsha kanjani lawomehlo amakhulu ansundu! Lawo magoda amahle awela phansi ehlobo lakhe, washiya leyombiza yamanzi endala, wathathela waya emzini ngamandla akhe onke, ethi, ‘Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Ngabe lesi akusona impela isibonakaliso sikaMesiya esingokomBhalo na? Akusiye Yena na? Akukhona yini lokho ebesikulindle na? Akuyona yini yona kanye into esaziyo ukuthi iyofika na?”

117 “Futhi niyakhumbula ngenkathi sehlela emzini ngenkathi yena owesifazane...?” Manje, wayeyikho ngempela, kungukuhi... Uma uwazi amasiko asempumalanga, yena, amadoda ayengenakumlalela, qhabo mnumzane, ngoba wayengowesifazane onodumo olubi, amadoda ayengenakumlalela.

118 Kepha uyazama, umuntu othole ngoJesu ngempela, angikhathali ukuthi *babeyini*, uzama ukubasusa kukho

khona-ke. Kukhona ozolalela ndawondawo. Uke ukholiseke ukuthi YiNdodana kaNkulunkulu, okuthile, ukhona ozolalela. Wayenyakazisa idolobha ngobufakazi bakhe. “Wozani, nibone uMuntu!” Wayengenandaba noma kwakufanele akusho noma qha, kwakuvutha emphefumulweni wakhe.

¹¹⁹ Wayeqinisekile, wathi, “Uhlezi laphaya esangweni. Ngaphumela lapho, futhi Wangitshela impilo yami. Lona nguye kanye uMesiya.” Uxolo, bekungafanele ngimemeze kakhulu kanjalo, uma nina, nikwehlise. Niyabo? Wathi, “Ungitshela impilo yami. Akuyena yini Lowo yena kanye uMesiya na?” Namadoda, ngobufakazi balowo wesifazane onegama elibi, ngaphandle kokuba Yena akwenze kanye futhi, yakholisekisisa ngobufakazi bowesifazane ukuthi Lowo wayeyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi WayenguJesu waseNazaretha.

¹²⁰ O, ubufakazi, ukuthi kwaqhubeka kanjani, bebunqhubeka kulomhlangano wobufakazi. Kungenzeka omunye wabo wathi, “Niyakhumbula ngalolosuku ukuthi lowoZakewu wakhwela esihlahleni na? Uyamkhumbula efakaza ezansi lapho emhlanganweni na? Futhi wathi, ‘NgiMphathele khona, futhi ngizokhwela kulesisihlahla,’ ezansi eJeriko. ‘Futhi lapho Edlula ngalapha, ngeke Angibone, Ngizodonsa wonke amaqabunga angizungeze *kanje* futhi ngizifihle kahle impela, ngizoMbheka kahle.’

¹²¹ “Futhi Weza ehamba ehla ngesitaladi, wema khona lapho ngaphansi kwalesosihlahla, wabheka phezulu, Akambonanga kuphela emva kwalawomaqabunga, kodwa Wamazini ukuthi wayengubani, Wathi, ‘Zakewu,’ haleluya, “‘yehla; Ngizoya nawe ekhaya esidlweni sakusihlwa namuhla.’”

¹²² Omunye wabo kungenzeka ukuthi wasukuma, mhlawumbe kwakunguMathewu, futhi wathi, yena lowo obhale lendaba kulobubusuku, wathi, “Bazalwane, niyakhumbula, futhi, ngenkathi Ephuma eJeriko, kanjani ukuthi uBartimewu omdala oyimpumpethe, elele laphaya ekhoni na? Futhi bonke abapristi, nabo bonke bathi, ‘Yisho, wena, siyezwa ukuthi uvusa abafuleyo, sinendawo yamathuna egcwele bona phezulu lapha, woza, vusa laba. Hheyi, wena mprofethi wamanga, wena *lokhu, lokho, nokunye,*’ bempongoloza. Abanye bempongoloza, ‘Yethi Mprofethi,’ nokunye nokunye, nabanye beMthuka nokunye nokunye. Kodwa Wayenekhanda laKhe elibhekise ngaseJerusalema ukuba ayonikelwa, eKalvari.

¹²³ “Naleso esimfofu esidala, isinxibi esiyimpumpethe ezansi lapho, nalowo wesifazane omncane ongumKristu weza, wasiqukula, sathi, ‘Kuyini, Medemu, kuyini na?’” Niyabo, kukhona okuthile-okunye ngomuntu ongumKristu, bahlale bezimisele ukusiza omunye umuntu ukuthi aMthole. “Wathi, ‘Kwenzekani konke lokho okudlulayo?’

“Wathi, ‘Ingabe uyisihambi nje? Lona nguJesu waseNazaretha, uMprofethi waseGalile. Leyo yiNdodana kaDavide, Lowo ebesimfisa.’

¹²⁴ “Futhi saqala ukukhala kakhulu, sathi, ‘Manje, Nkosi, mhlawumbe Ukude kakhulu, ingxenye yendlu yasedolobheni ukusuka kimi.’” Laphaya ezindongeni ezazibonakala lapho esasihlezi khona, nalapho Ayekhona, futhi ngaphezu kwengxenye yendlu yasedolobheni kude nayo, kunjalo, mhlawumbe khona ngqo emayadini ayikhulu. “Futhi saqala ukukhala, ‘Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.’ Futhi *ngandlela-thile-enye* sathinta umphetho wengubo yaKhe.

“Wama wathi, ‘Mletheni lapha.’ Lowo nguJesu waseNazaretha.”

Yeka umhlangano wobufakazi! Ubungeke uthande ukuba ubuhlezi phandle lapho, ubalalele na?

¹²⁵ Manje, bazalwane, iBhayibheli lithi Unguye izolo, namuhla, naphakade, uJesu ofanayo. Uma ubeka ukuphila kwanoma yimuphi umvini, uma ubeka ukuphila ko—komvini okhuphukela emagatsheni, futhi uma uthela igatsha futhi uvela uyiloluhlobo lwegatsha, futhi ulethe loluhlobo lwesithelo, amagilebhisi, uma uke uveze elinye igatsha, liyoletsha amagilebhisi, ngokufanayo nje.

¹²⁶ Futhi UnguMvini, thina singamagatsha. Negatsha lokuqala elake laphuma kulowoMvini, babhala incwadi yeZenzo emva kwalo. Kunjalo. Futhi uma Lokho kuke kuveze omunye umvini, bayobhala enye iNcwadi yeZenzo emva kwawo, kunjalo, ngoba lizoveza isithelo esifanayo, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade.

¹²⁷ Khumbulani, Wenza lesosibonakaliso somprofethi phambi kukabani na? UmJuda nomSamariya, hhayi oweZizwe. Khumbulani, kukhona izinhlanga ezintathu kuphela, uHamu, uShemu, nabantu bakaJafete; umJuda, oweZizwe kanye nomSamariya. Manje, Akazange akwenze nakanye phambi koweZizwe esinerekhodi lakho. Kungani? Ngoba abeZizwe babengabheke Mesiya.

¹²⁸ Yingalesosizathu namuhla bengakakuboni, ababheke lutho olufana nalokhu. Abawukholwa uMoya oNgcwele, ngoba ababhekile iNto enjalo. Konke la abaya khona, wukujoyina ibandla, futhi babhale igama labo encwadini, futhi bathi, “Yilokho kuphela okukhona kukho.”

¹²⁹ Kepha kulabo abafuna amandla, labo abalindele uMoya oNgcwele, labo abafuna ukugcwaliseka kwezibonakaliso zeBhayibheli, “Manje, kufezeke, ezinsukwini zokugcina,” kusho uNkulunkulu, “Ngizothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.” Manje, ba . . . Yebo, Uza kulabo abamFunayo.

Manje, khumbulani, Wenza lesosibonakaliso kumaJuda, asenqaba; Wakwenza kumaSamariya, akwamukela.

¹³⁰ Manje, khumbulani, uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Manje, ake sime umzuzwana nje futhi sithathe nje isikhashana eside manje ukuthola lokhu, ngoba ngikholwa ukuthi kuzoyishayela phansi, kukunameke ngophawu.

¹³¹ Manje, Wathi, “Njengoba kwenzeka ezinsukwini zikaLoti. . .” Manje, qaphelani, kuhlala kunezigaba ezintathu zabantu. UNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. Manje, kukhona ikholwa, umzenzisi, nongakholwayo, futhi lokho kukuwo wonke amabandla. Niyabo? Ikhola langempela. . . Manje, ngezinsuku zikaLoti yile yondlela nje ababehlezi ngayo, futhi yile yondlela efanayo abahlezi ngayo njengamanje, amakhola, abazenzisi, nabangakholwayo.

¹³² Manje, u-Abrahama wayeyiBandla elikhethiwe, ikhola elalihambe noNkulunkulu. WayeyiNzalo, neNzalo yakhe yayizoba, idle ifa lomhlaba, futhi—futhi wayengu—uhlelo olukhulu lukaNkulunkulu, nakho konke okwakunaye kwakuhlelekile kuNkulunkulu, zonke izinceku zakhe zisokiwe nakho konke, babelindele lendodana ethenjisiwe. Amen. Futhi babekhuphukele egqumeni ngqo, futhi babengenazo izinto ezinhle njengoLoti, umzenzisi, ezansi eSodoma. NabaseSodoma babengakholwayo.

¹³³ Umzenzisi kanye nekhola: Futhi kufika etendeni lika-Abrahama kwakukhona izingelosi ezintathu, Enye yaZo yasala no-Abrahama, nezimbili zehlela eSodoma, uBilly Graham wesimanje, nokunye nokunye, abavangeli abakhulu bosuku behlela lapho, akukho zimangaliso, kuphela wabashaya baphuphutheka, nokushumayela iVangeli kushaya abangakholwayo baphuphutheke. Kunjalo. Ngakho behla, futhi bashumayela iVangeli, futhi babiza uLoti aphume. Uyakubona ukhuleleka kosuku na?

¹³⁴ Kodwa eBandleni elikhethiwe, u-Abrahama, iBandla langempela elalingekho eSodoma, Lalingaphandle kweSodoma, ngaphandle, kungekho nhlanganyelo nezwe, elibizelwe ngaphandle, iBandla elihlukanisiwe, iBandla leNkosi uJesu Kristu, elibizelwe ngaphandle, lahlukaniwa, lilindele indodana ethenjisiweyo. Futhi Lowo owasala ngemuva naye, wakhuluma naye.

¹³⁵ Futhi khumbulani, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, igama lakhe lalingu-Abrama, nelakhe—igama lomkakhe kwakunguSarra, S-a-r-r-a, kodwa lase liguqulelwe ku-A-b-e-r-h-a-m, u-Abrahama, noSara, S-a-r-r-a, “inkosazane,” *Abrahama*, “uyise wezizwe.” Manje, iBhayibheli lathi leNgelosi Yayifulathele itende, futhi Yayisanda kudla iwundlu, noma, inyama yethole, ephuzisa ubisi, futhi edla isinkwa

sombbila, uMuntu, uthuli ezingutsheni zaKhe, ebungazwa ngu-Abrahama. Kwase kuthi Esahlezi lapho, Wathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?” Wambiza ngegama lakhe—lakhe lenkosana, negama lakhe lenkosazana. “Uphi uSara, umkakho na?”

¹³⁶ Walazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakungu-Abrahama na? Wazi kanjani ukuthi igama lakhe lalishintshiwe, bobabili na? Wazi kanjani ukuthi waye—wayeshadile futhi enonkosikazi na? Wathi, “Usetendeni emva kwaKho.” Futhi uSara . . .

¹³⁷ Wathi, “Ngizokuvakashela.” Ukuthi *Mina! Mina*, yisabizwana somuntu. Niyabo? “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso osusilinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ukusemukela. Leyo ndodana obuyilindele ngabomvu iyeza. Ngokwesikhathi sokuphila ngizokuvakashela.”

¹³⁸ Futhi uSara manje, bobabili sebekhulile impela ngeminyaka, u-Abrahama eneminyaka eyikhulu ubudala noSara engamashumi ayisishiyagalolunye, wayesemuva lapho etendeni, waze wanyobozela ngaphakathi, sikubiza kanjalo, niyazi, wahlekela ngaphakathi, futhi wathi, “Mm, mina, isalukazi, ngibe nenjabulo nenkosi yami, nayo isikhulile futhi na?” U-Abrahama. Ngamanye amazwi, njengendoda nomfazi cishe kwakungeke kube nabo iminyaka eyishumi nanhlanu, engamashumi amabili. Niyabo? “Mina ngibe nenjabulo nenkosi yami na? Mina ngimdala, naye isindala.” Bobabili sebekhulile ngeminyaka, ku—kwamethusa kakhulu, waze wathi ukuhlelela ngaphakathi, njengoba singakubiza kanjalo, wahlekela ngaphakathi ngakho. “Kungenzeka kanjani lokho na?”

¹³⁹ Uyazi ukuthini? UNkulunkulu wayezoyithatha impilo yakhe ngalesosikhathi, kunjalo, ngokungamkholwa, kodwa Akakwazanga ukukwenza. Kungani na? Wayeyingxenyek ka-Abrahama, Wayezodingeka athathe u-Abrahama ahambe naye. O, yilapho umusa ungena khona, onke amaphutha ethu namaphutha ethu, uNkulunkulu uyasibamba ngoba siyingxenyek kaKristu, umusa kaNkulunkulu usibambile. “O, umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka.”

¹⁴⁰ Wayengenakumthatha uSara, ngoba ukuba Wakwenza, Wayezofanele amshaye u-Abrahama ngakho. Angeke alithathe iBandla, kuwo wonke amaphutha aLo LiseyiBandla laKhe. Kunjalo. Angeke alithathe ngoba Ubeyothatha uKristu, niyabo, ingxenyek kaKristu, Liba yinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe. Konke ukungena nokuphuma kwethu, nokungakholwa, nokunye nokunye, nokungathembeki, inqobo nje uma EsekulowoMzimba, nokwehla nokwenyuka kwalo, umusa kaNkulunkulu usaLibambile.

¹⁴¹ Futhi wayelapho-ke. Wathi. . . Njengoba ehlekile, Wathi, “Kungani uSara ehlekile etendeni na? Yini eyenza uSara

ahleke na?” Hlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Emva kwaKhe, iNgelosi itshela u-Abrahama phandle *lapha* lokho uSara ayekwenza emva kwaYo etendeni.

¹⁴² Manje, ngenkathi leyoNgelosi isuka, u-Abrahama waYibiza ngo “Nkulunkulu.” Kunjalo. Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, “Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu ngempela emi lapho edla ithole na?”

¹⁴³ Ngathi, “Impela ngiyakholwa. U-Abrahama waMbiza ngo ‘Elohim.’” Kunjalo. Noma ubani uyazi ukuthi lowo ngusonhlamvukazi N-k-o-s-i, okuhunyushwa ngesiGrecki, “Elohim,” okusho “Okhona ngokwaKhe.” Kwakuya kuphi, kuboniswa lapho na? Futhi uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Kuyini na? Elohim, uNkulunkulu ebonakala enyameni yomuntu, iBandla laKhe, haleluya, ebonisa uKristu. UJesu wathi kuJohane oNgcwele 14:12, “Umse-... Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Kunjalo.

¹⁴⁴ Manje, iBandla livela ekuguqulweni okukhulu konyaka wamaLuthela, kwase-ke kwehlela onyakeni kaWesley, futhi kwangena onyakeni wePentecostal, futhi manje Kwakheka njengetshe eliyinhloko e—esivivaneni. Manje, ningacabangi ukuthi ngikhuluma imfundiso yesivivane, kodwa ngikhombisa nje isibonelo. Nokuthi lokho kufanele kungene khaxa kahle kwanjani phakathi lapho ngoba akufakiwe usimende, kuvele kwaqathakela phakathi lapho. Futhi kanjani ukuthi . . .

¹⁴⁵ Kukhona igama elehlukile elisetshenzisiwe, *ukubonakala* kukaKristu, *nokufika* kukaKristu, niyabo, amagama amabili ahlukeni ngokuphelele. Niyabo? Manje uKristu uyabonakala, ngalezizinsuku zokugcina, eBandleni laKhe, ehlanganisa iBandla laKhe ebunyeni, nokukholwa, namandla eZwini, konke ndawonye, ukuthi ngenkathi Ebuya Uyothola iBandla elifanayo. “Okushiywe yinkumbi kudliwe yisikhonyane; okwashiywa yisikhonyane kudliwe yinkasa,” kwehle njalo kuze kube yinkumbi. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Ngiyakubuyisela, kusho uNkulunkulu.”

¹⁴⁶ UbuRoma, nokunye nokunye, kudla lowoMuthi woMlobokazi omuhle kaKristu wehle uze Ube iSiqu. Kodwa uNkulunkulu wasikhipha ngqo kuleso Siqu, kwenyuka ngqo kwedlula onyakeni kaLuther, kwenyuka ngqo kwedlula onyakeni kaWesley, kwadlula onyakweni wePentecostal, futhi manje KusekuKhanyeni kwakusihlwa. “Ngizobuyisela, isho iNkosi, yonke iminyaka inkumbi, isikhonyane . . . Ngizobuyisela, futhi, leloBandla ebuhleni baLo, leloBandla emandleni aLo.”

¹⁴⁷ Futhi sibona ukuKhanya kwalo kwakusihlwa kuza, uMoya oNgcwele ungena ngamandla kakhulu phezu kweBandla laKhe, kuze kube yinkonzo kaJesu Kristu, ekwazini phakathi kwabo bonke abantu baKhe, bahlezi lapho ngokukholwa beMehlisa,

amandla neziphwiwo zisebenza phakathi kwabo, ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, nezibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso. Kuyini na? UKristu phakathi kweBanda laKhe, elungiselela ukuLithatha.

¹⁴⁸ Sengivala, ngingahle ngisho lokhu: Phandle olwandle ngalobobusuku, ukuqedela ubufakazi babo, sizoqala sikhulekele abagulayo khona-ke, phandle olwandle ngalobobusuku, ngenkathi besenalomhlangano wobufakazi, babenesikhathi esimnandi, kodwa benza okuthile okungalungile, kukho konke ukuxhuxhuma kwabo kwemvuselelo yabo enkulu ababesanda kuba nayo, bahamba ngaphandle kwaKhe.

¹⁴⁹ Manje, ngiyamangala nje, bazalwane, ngakho konke ukukholwa okuhle, uma lokho kungekhona nje okwenzeke ngalezizinsuku zokugcina. Sinezakhiwo ezintsha, sa—sakhe izinto ezintsha, sandise izinhlangano zethu, senze konke okunye, futhi ngikhipha izigidigidi nezigidigidi zamadola lapha, futhi sithi uKristu uyeza masinyane. Kungani, abantu bahlakaniphe kakhulu ukuba bazi... bazi kangcono kunalokho. Amazwi ethu—ethu ayakhuluma... amazwi ethu akhuluma kakhulu kuna... Imisebenzi yethu ikhuluma kakhulu kunamazwi ethu, njalo. Kunjalo. Sifana nje, kubukeka ngathi, silwisana nomoya.

¹⁵⁰ Babelapho-ke, bahamba, futhi bonke bejabule kakhulu ngomhlangano, futhi bakhohlwa ukuhamba naYe, kwase kungena inkathazo. Udeveli kufanele ukuthi wasukuma emva kwabo, wathi, “E-hhe! Nampaya ohlelweni lwabo olukhulu. Ngakho lesi yisikhathi sami sokuthi ngingene.” Nangu eza, ehla ngqo, eqala ukuphephetha umoya wakhe omdala wobuthi phansi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Konke kube yisigejane somuzwa nesasasa.”

¹⁵¹ Amagagasi aqala ukufika, nodeveli ehlezi phezu kwawo wonke amagagasi, ethi, “SizoMthola. Sizowucwilisa.” Futhi umkhumbi omdadlana wagcwala amanzi, izigwedlo zaphuka, nesigxobo sensika sawa, wonke amathemba lalingasekho, leso sikebhe esidadlana sikhuphuka, sigcwele phama amanzi, futhi sacwila.

¹⁵² Futhi manje, wonke amathemba alisekho, futhi, kodwa niyazi ukuthini? Ngijabula kakhulu ukusho lokhu kini manje: Ngenkathi beMshiya, Wenzani na? Wagibela igquma eliphakeme kunawo wonke elalikhona e—ezweni. Ngenkathi Ephakama kakhulu, Wayekwazi ukubona kude, futhi Wayebabhekile ngaso sonke isikhathi. Ngikholwa ukuthi Wenze into efanayo, anikholwa na? Wasibona obishini lwethu. Yebo. Nakho la babekhona obushini olunjalo, futhi emva kwesikhashana, esiphephweni, nawo wonke amathemba lalingasekho kwenye imvuselelo kwelinye izwe, babezominza bengakafiki lapho, nangu Eza ehamba phezu kolwandle, ehamba ekhuphukela kubo ngqo, futhi khona kanye... emva kwawo wonke lowomhlangano

wobufakazi, babesaMesaba, bathi, “Kubukeka kusasipoki.” Ya. Ya. “Kunga- . . . Angase abe umoya.”

¹⁵³ Lapho Esishiya, Wakhwela ngaphesheya kweKalvari, Wadlulela ngale, Wagibela wadlula, wagibela Waze Wadlula ilanga, inyanga, nezinkanyezi, njengoba ibandla likaMfowethu Outlaw lallicula ngobunye ubusuku, lathi, “dlula uJupiter, uVenus, uNeptune, noMars.” Wagibela waze Washaya i-Milky White Way, wayeseqhubekela eZulwini, ngaphezu kweZulu, futhi wangena wathu ngqu ngaphezu kweZulu, futhi uneGama ngaphezu kwakho konke okuqanjwe phezulu Lapho; Kumele Abheke phansi ukuze abone iZulu. “Iso laKhe likumzwilili,” futhi ngiyazi ukuthi Ubhekile kulobubusuku, anazi na? Kulungile.

¹⁵⁴ Futhi Uza ehamba eya kubo phezulu kwamanzi, iNto kuphela eyayingabasiza, futhi babeYesaba. Akuhlekisi yini lokho na? INto kuphela eyayingabasiza, babeYesaba. Futhi kube njalo namanje, iNto kuphela eyayingasiza abantu kubuKhomani, kuzo zonke lezizinto, abantu baseMelika bayaYesaba, bathi, “Kubukeka sasipoki. Kungaba yilokhu noma lokho.” Ungakwenzi lokho.

¹⁵⁵ Kungani ungaMmemi esikebheni kulobubusuku, uthi, “Woza, Nkosi Jesu.” Khona-ke into izodamba, ngeke ithathe isikhathi eside sibe sogwini. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje.

¹⁵⁶ Baba wethu waseZulwini, indlela encane eluhlaza kangaka yokuletha umlayezo esigejaneni sabantu abahlakaniphile, kodwa ngineqiniso, Baba, ukuthi Uzobahumushela e—e—esimweni sengqondo obekuhloswe kuso, ukuthi kuzohamba ngencazelo yothando nenhlanganyelo, kanye—kanye nokukholwa ebantwini.

¹⁵⁷ Futhi manje, Baba, siyakhuleka ukuthi Usithethelele kukho konke ukuphambuka namaphutha ethu, sikhuleka ukuthi uMoya waKho oNgewele uzoza phezulu kwethu manje. Sishilo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke imisebenzi Oyenzile, iBandla liyoyenza futhi.

¹⁵⁸ Siphinde sacaphuna amaZwi aKho, Nkosi, kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laKho aliyikudlula, futhi Wena wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Manje, unyaka wabeZizwe usufikile, Awuyena uNkulunkulu ongaphakela ingxenye yabantwana baKho ukudla okukodwa okuhle, futhi ukushiyele abanye etafuleni, ngoba Ulungile, uhloniphekile, ungewele, awukhethi bala lamuntu.

¹⁵⁹ Futhi ngenkathi Wena unikeza amaJuda isibonakaliso sawo sokugcina, abaningi babo babona ukuthi yilokho okwakhulunywa ngakho, umBhalo wathi lokho kuyokwenzeka, futhi nakho la kwakukhona. Ngenkathi Uya kulelo elincane,

iqembu elilahliwe lamaSamariya, bakukholwa, into yokuqala eyenzekayo, bakukholwa. Futhi manje, nangu Wena emnyango wabeZizwe, lokho kwakungukuvalwa konyaka wabo, futhi lokhu ngukuvalwa konyaka wabeZizwe. Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi bonke lababantu phakathi lapha kulobubusuku, abaphiwe uMoya oNgcwele, bazodedela ukukholwa kwabo kuNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu angakusebenzisa ukuletha uBukhona bukaJesu Kristu phakathi kwethu, kulobubusuku. Siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

¹⁶⁰ Ngi, angazi, ngicabanga ukuthi bekufanele sivale lapha kusenesikhathi impela, kodwa sivele nje. . . Kusasa ebusuku si—singeke sibe leyithi kangaka. Sizothatha nje isikhathi esincane bese sibiza u—u—umugqa womkhuleko kangangoba singakwazi ukushaya umugqa, futhi sibashayise umugqa futhi sibakhuphule futhi sizokhulekela abagulayo.

¹⁶¹ Manje, uphi uBilly na? Elokuqala, elokuqala kuya ekhulwini? Uthe ukhiphe kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini, amakhadi omkhuleko. Kulungile. Manje, asibashayise umugqa nje njengoba beza manje. Elokuqala, ubani onalelokhadi lomkhuleko na? Luthini uhlamvu na? Thina. . . Ini? I, I, njengokuthi “Indiana,” I.

¹⁶² Kulungile, I, wokuqala. Ubani onekhadi lomkhuleko na? Inenekazi na? Woza ngapha ngqo, Nenekazi, uma uthanda. Elesibili, uma nje uzophakamisa isandla sakho manje, elesibili. Uma. . . Ngisizeni, abanye. . . O, elesibili? Ngiyabonga. Elesithathu. Ubani onelesithathu na? Kulungile, Mnumzane. Elesine. Kuhle. Manje, lokho kunjalo bangenisi. Elesihlanu, elesihlanu. Ngisizeni, othile, uma uthanda. Ikhadi lomkhuleko lesihlanu, lesithupha, kulungile. Kulungile, isithupha, isikhombisa, isishiyagalombili.

¹⁶³ Ubani onelesishiyagalombili na? Angizange ngilibone. Ingabe yilelinenekazi lapha na? Ngikholwa ukuthi yilo. Yilokho-ke. Kulungile, isishiyagalombili, isishiyagalolunye, elesishiyagalolunye. Inenekazi lapho? Eleshumi. Kulungile, Mnumzane. Ishumi nanye.

¹⁶⁴ Ngenza lokhu ukubavimba bangagxobani omunye komunye, niyazi, futhi, lena yindlu kaNkulunkulu, hhayi inkundla yemidlalo. Niyabo? Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nane. Angiliboni. Ishumi nane? Kulungile. Ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesikhombisa.

¹⁶⁵ Mhlawumbe omunye uyisithulu, manje, noma omunye akakwazi ukusukuma esihlalweni, noma okuthile, sizohamba. . . Futhi sizokhulekela wonke umuntu ozayo futhi ofuna ukukhulekelwa. Kamuvanyana nje, thina, lona

umhlangano nje omncane wesingeniso kulobubusuku, sizobe sithatha isikhathi esidanyana njengoba siqhubeka.

166 Kukuphi lapho na? Cishe ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili, amashumi amabili, amashumi amabili, amashumi amabili. Awu, awu ake...kungahle kube umuntu osto-... Awu, othile uvele wangena waphuma. UBilly uthe abezwa kahle kakhulu ngemuva.

167 Kulungile. Ngingathanda ukubuza lokhu ke. Ake silinde bamzuzo nje. Ngifuna amashumi amabili, uma bephumile, bazakeni emgqeni ngqo, sizogala siqhubeka ngqo. Kulungile. Manje, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyakukholwa ukuthi—ukuthi unokukholwa okwanele ukukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Ake sibone izandla zakho, yonke indawo manje, yilokho-ke. Kulungile. Kukuyo yonke indawo nje.

168 Manje, ngenkathi abasizi besanakekela ezansi lapho, ngingathanda ukunibuza lokhu, ngininike umBhalo. Uma kwenzeka ngesinye isikhathi ungibamba ngiphumile kuleliBhayibheli, woza, ungitshele. Niyabo?

169 Kulungile. Bukani, kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi owayengenalo ikhadi lomkhuleko, singasho, kanjalo. Kuzwakala...lokho ngokwami...ngethemba ukuthi akuzwakali kungukuthuka okungcwele. Kodwa wayenomopho, futhi wathi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.” Niyayikhumbula indaba na? Impela, niyayikhumbula. Kulungile.

170 Khona-ke u—wathinta ingubo yaKhe. Manje, phuma... Wayengeke akuzwe ngokwemvelo, ngokuphathekayo, ngoba ingubo yasePalestine iyantaza, yingubo ende, futhi ngaphansi kwayo kunengubo yangaphansi, esusa uthuli emilenzeni yabo, futhi Akasoze ayithinta. Wavele wathinta umphetho wengubo yaKhe.

171 Futhi ngisho nomphostoli uPetru waMkhuza, noma, waMkhuza lapho Ethu, “Ubani oNgithintile?” Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi sengibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi.”

172 Manje, bangaki kini okholwayo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Manje bhekisisani lesi sigejane esikhazimulayo sabelusi *lapha* manje. Manje, bazalwane, umBhalo awusifundisi yini ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu na? Manje, niyabo?

173 Bangaki phandle lapho abakholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu ongathintwa yi...? Manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Uyokwenza okufanayo njengoba Enza

ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na? Manje, ubuyokwazi kanjani ukuthi Wayezenzisa na? Manje, nakhu okuyikho. Ngisanda nje kusho ukuthi uNkulunkulu uphakathi kwabantu baKhe. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuJesu. Niyakukholwa lokho na? Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Futhi konke uJesu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni, uMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na? Ngakho nguNkulunkulu kithi, uNkulunkulu kuwe.

¹⁷⁴ Akunjalo... Akukwenzi lutho, akuyona “intaba engcwele,” noma i “bandla elingcwele,” ngu—nguMoya oNgcwele; hhayi abantu abangcwele, uMoya oNgcwele. Niyabo? NguMoya oNgcwele *kubantu*; hhayi abantu abangcwele, uMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi yileyo into.

¹⁷⁵ Futhi kuloMoya oNgcwele, kuneziphiwo. Futhi iziphiwo zehhovisi zeBandla abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi. Ngabe kunjalo na? Konke okokwakha, noma ukuhlanganisa iBandla, ukuLiletha enqubweni (Ngabe ba...? Ngitshele lapho usulungele. Kulungile.), ukuKuletha ekuhleleni.

¹⁷⁶ Manje, ngizokucela ukuba ungenzele into eyodwa manje, uma uthanda. Uma nje usinika... Zonke izethameli, ngethemba ukuthi ningangiqonda kahle impela manje, ningagcogcomi manje, niyabo, vele uthule impela. Kusukela kulesisikhathi kuqhubeke ningagcogcomi, niyabo, ngoba kungaphansi kokubona okufihlakeleyo. Futhi lapho uhamba, ungumoya, futhi u, uyaqonda ukuthi ungumoya, uma ungenjalo, ufile. Niyabo? Futhi inqobo nje uma ungumoya, nogcobo lukaMoya lapha...

¹⁷⁷ LoMoya oNgcwele unokuxhumana nawo wonke umoya ophakathi lapha. Bangaki okwaziyo lokho na? “Imimoya yomprofethi ithobela i...” Niyabo? Ngakho Iyaxhumana. Bese kuthi-ke lapho uhamba, niyabo, lokho kuyaphazamisa. Niyabo? Manje, kuzoba *nalokhu* emsamo kuhamba, ngoba nginalowomuntu engixhumene naye. Niyabo? Bese-ke bayeza, futhi masinya uMoya oNgcwele ukhuluma nabo, khona-ke niyabona, khona-ke abanye bemile, okuthile kuzonyakaza futhi Kuzokwenza, *ngapha*. Bekungekho noyedwa ukuthi... Uyabo, awazi nje ukuthi wenzeni, khona-ke udidekile nje. Ngakho uma uthanda, cishe imizuzu eyishumi nje ukudlula kulowomugqa, noma ishumi nanhlanu.

¹⁷⁸ Manje, ngaphambi kokuba ngenze lokhu, ngizokubuza okuthile. Bangaki kulomugqa abayizihambi kimi na? Phakamisa isandla sakho. Nonke uyisihambi. Bangaki ezethamelini oyisihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu, uma wazi ukuthi angazi lutho ngawe, vele uphakamise isandla sakho. Niyabo?

179 Ngiqagele wonke umuntu lapha, ngokubona kwami, ukuthi angazi muntu. Angazi ngaphandle kwababili balababefundisi phezulu lapha emsamo, ababili noma abathathu balaba, uMfowethu Kopp nabanye, ngiyabazi, kodwa phandle ezethamelini, angiboni umuntu oyedwa lapho engimaziyo ukubiza igama lakhe ngalesisikhathi.

180 Kodwa ngamunye wenu, uNkulunkulu uyakwazi, Wazi khona lapho ohlezi khona. Ngendlela yami yokubona uNkulunkulu, Wazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuthi uyobe uhlezi lapho, uma Engongenasiphelo. Impela, Akanasiphelo, Wazi konke. Yingalesosizathu Ekwazi ukusho ukuphela kusukela ekuqaleni, Akanasiphelo.

181 Manje, manje, nansi, ingabe yilesi i, lesi siguli lapha? Ungasondela nje kancane, Nenekazi na? Manje, nasi impela isigcawu seBhayibheli sikaJohane oNgcwele isahluko se 4, lokho nje engisanda kukhuluma ngakho, omunye wemifanekiso yomhlangano wobufakazi. Nansi indoda emhlophe, owesifazane oyikhaladi, lowo kwakunguJesu, umJuda, nowesifazane ongumSamariya, izinhlanga ezimbili impela. Futhi ngakho, wazama ukuMtshela khona, ngalokho kwakungesilo isiko, kodwa Wamtshela, kanye, ukuthi... kodwa Wamazisa ukuthi uNkulunkulu wenza bonke abantu.

182 Wonke umuntu unjalo, sonke siphuma ku-Adamu no-Eva, lowo ngubaba nomama wethu sonke, zonke izidalwa ezingabantu. Lapho thina, sakhushulwa khona, umbala wasishintsha, omhlophe, onsundu, omnyama, ophuzi noma ngabe kwakuyini, akuhlangene ngalutho nakho, ngamunye wethu anganikeza okunye ukuthekelelwa ngegazi, sonke si, uNkulunkulu owenziwe ngazo zonke izizwe, igazi elilodwa. Kunjalo. Ngakho leyonto endala yayifile ngenkathi uJesu efika, leyompikiswano endala ababenayo, Wabazisa ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu wamaSamariya, ngokufanayo nje njengoba WayengowamaJuda, futhi uBaba wayefuna abanjalo ababezoMkhonza ngoMoya nangeQiniso, akunandaba ukuthi babeyini.

183 UPetru washo e, phezulu lapho, wathi, indlu, “Ngiyabona ukuthi uNkulunkulu, akahloniphi sizwe, kepha bonke abamesabayo.” Kunjalo. Ibiza...

184 Awu, nangu impela uJohane oNgcwele 4. Siyizihambi omunye nomunye. Manje, lokhu kufanele kukuxazulule. Ake nginitshela, ngingumfowenu, nginguMfowethu Branham, umfowenu. Kodwa, angisiyena umshumayeli, enikwaziyo, ngi—ngingathanda ukuba, kodwa a—anginayo imfundo eyanele yokuthi ngizibize ngomshumayeli. Kodwa, lena yinkonzo yami Anginika yona, isipho. Nalesosipho singukunyakazisa iBandla ukuLiletha ekwamukeleni ukuFika kukaKristu, ukubuya koMoya kaNkulunkulu eBandleni.

¹⁸⁵ Kukuwe, uMoya ofanayo, kungangabi yisiphiwo esifanayo, kodwa uMoya ofanayo, kukhona ukubonakaliswa okwahlukene, kodwa uMoya ofanayo ngaso sonke isikhathi. UMoya oNgcwele ofanayo eninawo unguMoya oNgcwele ofanayo enginawo, uMoya oNgcwele ofanayo sonke esinawo, konke ngabantwana bakaNkulunkulu.

¹⁸⁶ Bese kuthi-ke, kungani sihlangu ndawonye, ngokomoya manje, khona-ke lowoMoya oNgcwele ukhona. Futhi uma izifo si. . . Futhi uma abantwana befika lapho lowoMoya okhona, U—Uyazihlonza, futhi Ungakwazi ukukuhlonza. Ku, njenge. . . isiphiwo sesiprofetho, noma, hhayi isipho sesiprofetho, angazi, ngithi nje NguKristu, niyabo, ehla phakathi kwethu, ngoba uqala ukushaya uhlobo oluthile lwegama kokuthile, usuxovekile wonke, ngakho-ke ake sithi iNkosi yethu uJesu Kristu iphakathi kwethu. Niyabo? Ake sisho nje lokho.

¹⁸⁷ Manje, simi lapha sikhuluma nalo wesifazane. Angimazi, angikaze ngimbone, ubukeka ephile saka, angase—angase abe nenkathazo yasekhaya, inkathazo yezezimali, angahle abe umlingisi, mina. . . angahle abe ngumKristu, angahle abe yisoni. Angimazi, uvele weza lapho. Kodwa noma yini Amtshela yona, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, uyovuma ukukuvuma lokho. Awu, uma Engamtshela obekukade kuyikho, njengoba Atshela uFiliphu, njengoba Atshela uNathanayeli, njengoba Atshela owesifazane emthonjeni, noma, uma Emtshela okwakuyikho, impela angakholwa ngekusasa khona-ke. Ngabe kunjalo na? Nizokukholwa nonke, uma Ezokwenza na?

¹⁸⁸ Manje, nakhu la sikhona, *Nanti* iBhayibheli, *nangu* owesifazane, futhi nakhu simi khona lapha phambi kwenu nonke siphakamise izandla zethu, ukuthi asikaze sihlangu ngaphambilini, asazani. Futhi singabohlanga oluhlukile lwabantu, yena u. . . Ngingum-Anglo-Saxon, futhi ungumAfrika. Manje, silapha, siphelele nje njengoba kungaba njalo.

¹⁸⁹ Manje, Dadewethu, ukuxhumana nawe nje, isizathu sokuthi ngikubize ngokuthi *Dadewethu*, ngoba ngenkathi ngiqalaza, uMoya wangibamba, futhi ngazi ukuthi ubungumKristu. Kunjalo, ungumKristu. Manje, angikwazi. Manje, ngimi lapha nje, uyazi ukuthi kukhona okuthile engikwenzayo, ngixhumana nje nomoya wakho, ngiwuqalisa ngakulaba abanye abantu, ngikudonsa ngikukhuphule nje njengomuntu oyedwa.

¹⁹⁰ Manje, uma uKristu engasebenzisa mina, njengesiphiwo, manje, Angahle abeke ugcobo lwaKhe phezu kwami, Ufanele alubeke phezu kwakho ngesikhathi esifanayo, kungenjalo ngeke kusebenze, kuthatha thina sobabili ukukwenza kusebenze. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, uJesu akazanga ukuthi ngubani okwenzileyo, kodwa Wathi, “Ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi.” Niyabo, kwakungeYena,

Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Niyabo? Kwakungukukholwa kwakhe.

¹⁹¹ Manje, angikwazi, kodwa uma Ezokutshela okuthile ngempilo yakho, mhlawumbe okuthile oze ngakho lapha, othile omzele lapha, okuthile okwenzile okungalungile, noma yini efana naleyo, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, bese kuthi-ke uzokukholwa. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingapha khona, yisicelo sami.

¹⁹² Manje, niyabona ukuthi kungibeka kuyiphi indawo na? Nasi isikhathi manje lapho engikushumaye futhi ngakusho ngaYe, kufanele kusabele, noma kuphakathi kokuthi ngikhulume okuthile okuyiphutha, iBhayibheli lasho okuthile okungalungile, uKristu akaphili, noma niyabo, kuphakathi kokuthi inkolo yethu ilungile noma ayilungile. Kufanele kukhonjiswe khona manje phakathi kwaso sonke lesi sigejane esihle samadoda lapha. Niyabo? Naba abefundisi bakaKristu behlezi lapha.

¹⁹³ Thina...Ngime phambi kwamakhulu ezinkulungwane, angikwazanga ngisho nokukhuluma ulwimi lwabo, futhi ngibone into yenzeka nje, phambi kwabahedeni, izinyanga bathakathi, nalokho abakubiza “amadoda angcwele” aseNdiya, nabahamba emlilweni, nakho konke okunye futhi ngibone amandla kaNkulunkulu ehla futhi...Kodwa UnguKristu, uma Engeyena, ngifuna ukwazi ukuthi Ukuphi, ngifuna ukuMthola.

¹⁹⁴ Yebo. Owesifazane, hhayi *umzenzisi*, umi lapha ngesizathu, futhi lesosizathu, lokho kufanele, empeleni, ngokusho kukadokotela, ufanele abhekane nokuhlinzwa. Kunjalo. Futhi lokho kuhlinzwa yisimila. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, uyakholwa ukuthi Uyazi ukuthi isimila sikuphi na? Uyakholwa ukuthi Ubengangitshela na? Uyangikholwa na? Sisebeleni, sisesifubeni sakho sangakwesokunxele. Kulungile. Kulungile. Hamba, kukholwe manje, futhi awusoze wadinga ukuhlinzwa. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu oseZulwini uzokususa kuwe.

¹⁹⁵ Sawubona, nenekazi eliselincane na? Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Kuhlanguana indoda nowesifazane nje, kodwa uJesu Kristu uyasazi sobabili, Wazi konke ngawe, Wazi konke ngami; ngiyinceku yaKhe nje. Futhi uyakholwa ukuthi Ukhona futhi ubengembula okuthile ngawe na? Bekuyokwenza ube nokukholwa kuYe ukwazi ukuthi U—Ulapha na? Ubungemukela noma yini oyicelayo na? Ubuyo...? Ubuyokwenza.

¹⁹⁶ Leyondoda ehlezi lapho ibambe isilevu sayo, *kanje* ihlezi khona lapha, ihlezi lapho ikhuleka ngesimo sokwethuka, kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke, ukwethuka sekuhambile kuwe

manje. Manje, ingabe kuyiqiniso lokho na? Phakamisa isandla sakho.

¹⁹⁷ Ngifuna ukunibuza ukuthi uthinteni. Ube nokukholwa ukuletha uMoya oNgcwele usuke *lapha* uphumele endodeni. Angikaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi kimi, ngokwazi kwami, kodwa ubenokukholwa. Yilokho okudingekayo, ukukholwa ukukwenza. Kukholwe nje.

¹⁹⁸ Ngibuka nje ukuKhanya. Ni—nike nasibona isithombe saKho na? Ngikholwa ukuthi banaso lapha, noma bazoba naso. Kuwele ngapha kusuka kuwe futhi kwaphuma, ngiyaKubona kumi phezu kwendoda lapho, kudingeke nje ukuba ngikusho. Manje, kunendoda ehlezi lapho, indoda nje ehlezi emhlanganweni...?...

¹⁹⁹ Futhi uyagula, ubukade ukudokotela, ube neseluleko esivela kuye, kodwa uyasesaba iseluleko sakhe. Kunjalo. Yiqiniso lelo. Akukho okubi, kulungile, yinkathazo yenenekazi, yilokho okungalungile ngawe. Ngiyambona ngenkathi ukuxilongwa, lokho akushilo. Kulungile kimi ukuba ngisho ukuthi kuyini na? Ufuna ngikutshele ukuthi kuyini na?

²⁰⁰ Eqinisweni ku, ndawondawo, yimbewu ebekwe endaweni engafanele, imbewana, futhi kubambeke kulokho ishubhu, esikhundleni sokwehla ngesibeletho. Kubizwa nge “shubhu elikhulelwe,” futhi ufuna ukuhlinza, futhi uyakwesaba ukuhlinzwa. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Yiqiniso lelo. Beatrice, ufuna ukuphiliswa na? Hamba, ukholwe eNkosini uJesu Kristu futhi uyakusindiswa.

Uyakholwa eNkosini uJesu, ukuthi lokho i, lonke iBhayibheli elaprofetha ukuthi kwakuyofezeka na?

²⁰¹ Indoda, siyizihambi komunye nomunye. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ilapha ukuzokusiza na? Uyakholwa uma Ezongembulela lokho okufunayo kuYe, ukuthi uzokuphiwa na? Uyakholwa.

²⁰² Qhubeka nokubona owesifazane eza. Uhlezi khona lapha engibuka, ehlushwa yinhliziyi...umfutho wegazi ophakeme egqoke izibuko, ukame izinwele zakhe zabheka emuva, ukuthi...

Anikuboni lokho kuKhanya okulenga ngaphezu kowesifazane lapho na? Bheka. Phakamisa isandla sakho, Nenekazi. Nakho la ukhona.

Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke manje na? Khona-ke yana ekhaya futhi uphile.

Angilazi inenekazi, angikaze ngilibone empilweni yami, liyisihambi kimi.

²⁰³ Inkathazo yakho leyo. Ube nokukholwa okwanele ukuthi uthinta ingubo yaKhe ukuze aphenduke kanjalo, awu,

awukwazanga ukungakukholwa, ubungakwenza na? Uzoba nokuphulukiswa kwakho khona-ke.

²⁰⁴ Ngifuna ukunibuza, yini abengayithinta phandle lapho na? Unga, ngiqagele, amafidi angamashumi amathathu ukusuka kimi. Akazange, akangithinti, uyaMthinta. Niyabo? Yilokho okuyikho. UMthintile, futhi Wavele waphendula nje, niyabo. Uma iBandla lingake livuke kulokho futhi liqonde ukuthi kuyini lokho! Mm!

²⁰⁵ Kulungile. Yibani nenhlonipho manje. Ningesabi. “Ningesabi; YiMi,” Washo. YiNkosi uJesu, niyazi ukuthi akumina, isizathu. . . Futhi Kufanele kube nguMoya othize namandla, ngakho noma yini ocabanga ukuthi Kuyikho; kimi NguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, eqinisekisa impela Akusho.

²⁰⁶ Manje, Mnumzane, ngingakwazi futhi thina siyizihambi komunye nomunye, uma iNkosi uJesu izokwembula okuthile ngawe, noma okuthile okufunayo, noma okuthile okufunela omunye umuntu, kumbe noma ngabe kungaba yiluphi udaba, uzoMkholwa, angeke na?

²⁰⁷ Uzohlinzwa, ufanele uhlinzwe futhi, ngoba uke wahlinzwa, futhi lokho kuhlinzwa kwakungokwenso, amatshe, futhi usubuyile futhi. Lokho i—isimo samakhemikhali omzimba wakho esidala lokho, futhi yilokho kuphela okungakubangela. . . kube yikho njalo kungokuba uNkulunkulu asuse ingxenye yekhemikhali yomzimba wakho o—okubangela ukuthi kuqubuke, okungenani yilokho okwashiwo ngogogodele isifo.

²⁰⁸ Hhe! Umkakho umi khona lapho ezansi emgqeni womkhuleko, ngenxa ye, efuna, inkathazo yezinso naye. Kunganjani nje ujike, wehlele lapho, ubeke izandla zakho phezu komkakho futhi umkhulekele na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke iNkosi uJesu uzo—uzokwenza, futhi enze, futhi aphe, futhi amenze—amenze aphile na?

²⁰⁹ Baba wethu waseZulwini, njengoba bebeka izandla omunye komunye, ngiyamlahla udeveli okwenzile, futhi sengathi bobabili bangaphulukiswa, futhi baye ekhaya futhi baphile ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

²¹⁰ Kulungile, ungangabazi enhliziyweni yakho manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Phuma emgqeni, Dade, hamba naye ngqo, uye ekhaya, futhi ukhohlwe ngokuba ube nakho, futhi uphile.

²¹¹ Ngikholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu inguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyakholwa ukuthi Ukhona manje. Ngikholwa ukuthi UyiMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa. Ngiyakholwa ukuthi Ukhona namuhla, ebonakala phakathi kwabantu, ekhombisa kubo ukuthi

ukuphela kuseduze, nokuthi maduze Uyeza ukuzohlwitha iBandla, nenkonzo yabefundisi baKhe ilongeleka enkonzweni yaKhe uQobo Ayenayo lapha emhlabeni, ukubamba iBandla lonke, ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke.

²¹² Kulungile. Manje, ngiyacela... Kanjani...? Ngi... Ngiseqile isikhathi sami, ngiyaxolisa. Ake sibe nalo wesifazane oyedwa lapha. Khona-ke, ubungakwenza...? Nje—umzuzwana nje.

²¹³ Sawubona, Dadewethu? Ubuphezulu lapha, ngakho ngicabanga ukuthi udinga ukukhulekelwa, noma, ngizobakhulekela bonke abanye, kodwa ngiqonde kuwe kube ukubona okufihlakeleyo, noma, esingakubiza, niyabo, noma ngabe uyini.

²¹⁴ Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe ngayo yonke inhliziyi yakho na? Inkathazo yakho isesifubeni sakho. Kunjalo. Kodwa kuhlezi kukhona omunye umuntu ovela lapho. Ngumyeni wakho, akekho lapha, kodwa ubunaye engqondweni yakho, ubumkhulekela, kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakhe na? Isemhlane wakhe. Ngakho, kunjalo, akunjalo na? Manje, uyakholwa ukuthi uzogoduka, umthole ephilile na? Kulungile. Khona-ke uqhubeka ngqo kulokho...?..Uma uzo—uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi uzokuthola ngendlela nje okholwa ngayo. Manje, uma ungangabazi, uzothola ngaleyondlela nje.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na?

Dadewethu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphulukisa isifo sokuqaqamba kwamalunga futhi aphilise umuntu na? Qhubeka nje, uthi, “Makabongwe uNkulunkulu, ngokungiphulukisa...”?..

²¹⁵ Manje, ukholwa yinto efanayo, ukuthi ukwethuka nesifo samathambo kuzohamba, futhi uzophila na? Khona-ke qhubeka uthi, “Ngiyabonga Nkosi.” Kholwa, kholwa ukuthi Uyakwenza.

²¹⁶ Bheka ngapha njengoba uza, Dade. Wena... UNkulunkulu angaphulukisa isifo senhliziyo ngendlela efanayo njengoba Engaphulukisa noma yini enye. Awukukholwa lokho? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke phakamisa izandla zakho, uthi, “Ngiyakwamukela.” Hamba uqhubeka endleleni yakho wemukela uKristu, futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu. Hamba ukholwa.

²¹⁷ Kulungile. Indoda ikhubazekile ngokukhubeka. Woza ngapha, Mnumzane. Ngiyabona ukhubazekile. Ngibheke ukholwe. Uzokukholwa na? Kulungile. Uma uzokukholwa, sonke isifo samathambo sizokushiya, futhi uzogoduka, uphile. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza lokho na? Khona-ke uma ukholwa, qhubeka nje uhamba futhi uthi, “Makabongwe uNkulunkulu.” Ngifuna ukukubeka izandla lapho udlula. Woza uthi, “Ngiyabonga,” uthi, “Makabongwe futhi adunyiswe

uNkulunkulu,” futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke ukuthi ku...?...

218 Ngifuna ukukubuza okuthile. NgaleyoNcwadi eyigugu ekhwapheni lakho, ukuba-ke ngibeke izandla zami phezu kwakho na? Ubungakholwa ukuthi uzophila na? Bese-ke, eGameni likaJesu Kristu, hamba futhi usinde. Amen.

219 Kulungile. Woza. Ucabangani, Dade na? Lezi ziphonso zokwethuka bezilokhu zikuhlupha. Uyakholwa ukuthi zizohamba manje na? Njengoba udlula ethunzini lesiphambano, qhubeka uthokoza, uthi, “Azisophinde zingihluphe.”

220 Bheka ngapha, Mnumzane. Ziningi izinto ezikuhluphayo, njengendlala nokunye nokunye, kodwa into yakho esemqoka yinkinga yenhliziyo. Hamba endleleni yakho uthi, “Ngiphulukisiwe eGameni leNkosi uJesu.”...?...yonke inhliziyu yakho. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

221 Bheka ngapha, Nenekazi. Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yeqolo izolunga, futhi uya ekhaya futhi uphile na? Kulungile. Qhubeka nje uhambe, uthi, “Makabongwe uNkulunkulu, Onikeza ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

222 Inenekazi linenkinga yamanenekazi, futhi ngiyabona ukuthi likhathazekile, liyacinana enhliziyweni yalo. Woza udlule futhi uthi, “Ngikholwa ngenhliziyo yami yonke. Ngiya ekhaya, kuzoyeka ukungihlupha, futhi ngizoba kahle.” Kholwa manje, uthi, “Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

223 Nakhu kufika umuntu, kubukeka sengathi ufanele abe nokukholwa. Uma udlula nje, ngibeke izandla kuwe? IBhayibheli lithi “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda.” Uyakhukholwa na? Woza ngqo khona-ke. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

224 Ukwethuka, isifo samathambo, nokuba buthakathaka, amajaqamba, nenkinga yenhliziyo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uzosinda manje na? Ungavele wehle ngomgwaqo, ujabule nje, uthi, “Makabongwe uNkulunkulu,” futhi uNkulunkulu uzokunika ukunqoba. Uyakhukholwa ngayo yonke inhliziyu yakho na?

Kulungile. Ukhona omunye ozayo manje? Kulungile.

225 Uzokholwa na? Kuthiwani uma nje ngibeke izandla zami phezu kwakho, futhi ngingasho lutho na? Uyazi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Ungathini uma ngibeke izandla zami phezu kwakho, ungacabanga...? Ngenkathi umemeza lapho emizuzwini embalwa edlule, kuthiwani uma ngikutshela ukuthi kukushiyile? Ungakukholwa na? Kulungile. Qhubeka ngqo.

Bonga iNkosi futhi uye ekhaya, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

Kulungile, ngiyahamba . . . Kulungile, letha lelinenekazi.

²²⁶ Ucabangani, Dadewethu, njengoba uza? Uyakholwa ukuthi Yena . . . Uma ngishilo noma yini, noma ngingashongo lutho, uzophila noma kanjani? Ungakukholwa lokho noma kanjani uma ngimane ngibeke . . .? Kukhona uhlobo oluthile loMoya lapha, niyakwazi lokho. Uyakholwa ukuthi nguMoya weNkosi ophezu kwethu na? Uyakholwa? Khona-ke umhlane wakho inkath- . . . Awu, senginitshelile noma kanjani, ngakho qhubekani, niyabo, qhubekani, kholwani, kukholweni, kholwani ngayo yonke inhliziyu yenu.

²²⁷ Bangaki okholwayo, phandle lapho, ngayo yonke inhliziyu yakho manje na? Uyakholwa? UnguNkulunkulu. Uyakholwa lokho na? UnguNkulunkulu ophahleni lwendlu, UnguNkulunkulu ebandleni, UnguNkulunkulu ebandleni, UnguNkulunkulu yonke indawo, UnguNkulunkulu.

²²⁸ Ngicabange ukuthi ukuKhanya kwakulandela inenekazi, kodwa bekuyilelonenekazi eliyikhaladi elalihlezi lapho. Wena. Ya. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Lelonenekazi eyikhaladi elihlezi lapho elifake isigqoko esimhlophe nengubo ebukeya imhlophe, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela, ngenkathi usaxhumene noMoya waKhe, yini engalungile ngawe na? Ungakwamukela na? Khona-ke inkinga yesinye sakho ngeke isakuhlupha.

²²⁹ Ingabe uzokwenza—ingabe uzongenzela umusa manje? Beka izandla zakho phezu kwenenekazi elihlezi eduze kwakho, ngoba likhathazwa ngamehlo alo. Kulungile. Beka izandla phezu kwakhe. Kulungile.

²³⁰ Ungangenzela umusa, ngokulandelayo na? Inenekazi elihlezi eduze kwakho lihlushwa isifo sohudo, isifo sohudo, isifo sohudo. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho, beka isandla sakho phezu kwakhe, ukucele lokho, uzosinda.

²³¹ Kuthiwani ngenenekazi elihlezi eduze kwakhe? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, Nenekazi? Inkathazo yakho isohlangothini lwakho, uhlangothi lwakho lwesokudla. Kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho, izokushiya. Uyakholwa na?

²³² Kuthiwani ngenenekazi elihlezi eduze kwakhe? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uneziphonso ezicinanisayo, awukwazi ukuthola umoya wakho kahle. Uzokwenza manje, ngoba kuhambile. Amen.

²³³ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Beka izandla zakho phezu komunye nomunye manje. Manje, ngenxa yalabo abahlezi eduze kwakho, ingabe ulikholwa na? Phakamisa isandla sakho uma uyikholwa. Manje, beka leso sandla esikholwayo phezu komunye umuntu. Nakhu uNkulunkulu akushilo, Wathi:

“Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

²³⁴ UMoya oNgwele uphandle lapho, ngokufanayo nje njengoba Unjalo phezulu lapha kulamadoda; Ukhona yonke indawo. Uyakukholwa na? Khona-ke khulekela umuntu obeke isandla sakho kuye. Beka isandla sakho phezu kwabo futhi ukhuleke manje, khulekela umuntu.

²³⁵ Baba waseZulwini, siletha kuWe lezizethameli zamakholwa, siKubonga ukuthi uBukhona baKho bulapha nathi. Asikuzwa Wena nje kuphela, kodwa siKubona usebenza phakathi kwabantu baKho, uqinisekisa iZwi laKho, ngezibonakaliso ezilandelayo.

²³⁶ Manje, baningi abagulayo ezethamelini, amahora aseleyithi, kodwa Nkosi, Wena umkhulu, uNkulunkulu onamandla onke, ngiyakhuleka ukuthi Uzozwa umkhuleko wenceku yaKho, futhi njengoba laba abakholwayo bebeke izandla omunye komunye, bekhuleka umkhuleko wokukholwa, Futhi Wena wathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa abagulayo, uNkulunkulu uyakubavusa.”

²³⁷ Baba, iqembu elingaka labangakholwayo elingasenza, uma singabukholwa uBukhona baKho lapha kanye nathi manje, emva kokuba sesiKuzwile, sibone iZwi laKho, sishumayele iZwi laKho, sibona iZwi laKho lisebenza ngathi sonke lapha endlini, sizwa uBukhona baKho, sazi ukuthi Ulapa! Futhi manje silalela imiyalo yaKho njengamakholwa ukubeka izandla phezu komunye nomunye, ukuze umkhuleko wokukholwa usindise ogulayo.


²³⁸ Manje, Nkosi, yizwa umkhuleko wami, ngibeka umkhuleko wami phezu kwe-altare, ngibeka ukukholwa kwami phezulu lapho nabo, futhi, eGameni likaJesu Kristu, siyahamba ukuyohlangebeza udeveli enseleleni yakhe yokungakholwa.

²³⁹ Phuma, Sathane, kulababantu, bayeke. Siyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, eGameni likaJesu Kristu, ukushiya abantu futhi uphume kubo, ukuze baphile.

²⁴⁰ Nina nonke enikholwa ukuthi ikholwa linezandla phezu kwenu, futhi uyakholwa ukuthi uBukhona bukaKristu bulapha manje, uma ungesabi. . . Uma wesaba futhi uthi, “O, angazi,” khona-ke isikebhe sakho esincane singase sicwile. Kodwa uma niMuzwa esho emlayezweni waKhe, “Ungesabi; YiMina, uJesu Kristu,” sona impela isimemezelo seBhayibheli senziwe saziwe, kukhona ukukholwa okwanele khona lapha manje, uma nje ubungesabi. Kubonakala sengathi kukhona okuthile okufuna ukukuvimba, ukuthi wena uthi, “O, ngi—ngi—ngi—angazi, mina—Ngike ngaba semihlanganweni ngaphambilini.”

²⁴¹ Niyabo, ngazi kahle nje ukuthi ucabangani. Niyabo, aKumina, nguYe ongitshelayo. Uma uzokwenza lokhu, khumbula, ngikusho njengomfundisi, njengomfowenu, uma

nje uzodedela yonke leyomicabango ihambe eceleni, futhi wazi ukuthi ikholwa libeke izandla zalo phezu kwakho!

²⁴² Futhi uJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Futhi uma u-Abrahama, ubaba wethu, wakholwa nguNkulunkulu iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngesithembiso, kangakanani-ke iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama ifanele isikholelwe isithembiso sikaNkulunkulu na? Uyakwamukela na? Uyakukholwa na? Futhi uma ukholwa ukuthi kuyiqiniso, fakaza kuNkulunkulu, sukumani nime ngezinyawo zenu ngobufakazi bokuthi, “Manje ngiyakwamukela ukuphulukiswa kwami. Ngikholwa ukuthi ngiphulukisiwe, ngoba ngiseBukhroneni bukaNkulunkulu futhi ikholwa libeke izandla zalo phezu kwami.” Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba! Amen. 

62-0620 Ningesabi
EGreat Western Exhibit Center
ESouth Gate, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org